Downloaded from Stanmorephysics.com

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NOVEMBA 2023

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: Amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi angama-29.

Downloaded from Stanmorephysics.com

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle le miyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

ISIQEPHU A:	Inoveli	(35)
ISIQEPHU B:	Umdlalo	(35)
ISIQEPHU C:	Izindaba ezimfishane	(35)
ISIQEPHU D:	Izinkondlo	(35)

4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, kunoma yiziphi iziqephu ezimbili ezilandelayo (umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.)

   ISIQEPHU A: INOVELI
   Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

   ISIQEPHU B: UMDLALO
   Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

   ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
   Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

   ISIQEPHU D: IZINKONDLO
   Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.

5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.

6. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu NGASINYE ngokucophelela.

7. Bhala izinombolo kahle njengoba zibhaliwe kuleli phepha lemibuzo.

8. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

9. Indlela yokuhlela isikhathi encomekayo:
   Sebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-75 esiqeshini ngasinye.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

OKUQUKETHWE:

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

IZINOMBOLO ZEMIBUZO	AMAMAKI	IKHASI
ISIQEPHU A: INOVELI		
Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.		
1. *Ithemba Lami*	35	5
2. *Kusinda Kwehlela Endodeni*	35	8
3. *Umshado*	35	11
ISIQEPHU B: UMDLALO		
Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.		
4. *Ababulali Benyathi*	35	14
5. *Icala Kaliboli*	35	17
6. *Isiko Nelungelo*	35	20
ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE		
Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfushane ezihloliwe.		
7.1 'Noma Nini'	17	23
7.2 'Umakhonya'	18	25
ISIQEPHU D: IZINKONDLO		
Phendula imibuzo YOMIBILI kulesi siqephu.		
8.1 'Sthandwa Sami'	17	27
8.2 'Siphukuphuku Ndini'	18	29

Downloaded from Stanmorephysics.com

Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe ('Checklist'):

ISIQEPHU	IZINOMBOLO ZEMIBUZO	IMIBUZO EPHENDULIWE	THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE
A: INOVELI	1–3	1	
NOMA			
B: UMDLALO	4–6	1	
NOMA			
C: IZINDABA EZIMFISHANE	7	1	
NOMA			
D: IZINKONDLO	8	1	

QAPHELA: Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela.

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQEPHU A: INOVELI

UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-A no-B) bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA A

Ukufika kukaZondiwe kwaba yisibusiso kwabakwaMchunu ngoba babungasehli ubuthongo, bengazi ukuthi ngabe ingane yabo injani lapho ikhona. 'Nina baseNgonyameni ngithi angizonehlisa amaphaphu, nginazise ukuthi indodakazi yenu isingcono kakhulu kunalokhu eyasuka iyikho lapha. Ukumshiya kwami nje nengqondo ibisibuyile sekuphelile nalokhuya kuhhema ayekuhhema, usengcono kakhulu, akaseyena loya Nokulindela enamgcina egula.'

'Wo-hhe, umkhulu Simakade, umkhulu Mvelingqangi nani mathongo akoMacingwane eseNgonyameni! Hhawu nkosi yami! Kazi ngingabonga ngithini ngengane yami, bebungasehli ngisho ubuthongo. Sengifisa sengathi ngabe sengiyibona ngamehlo intombi yami.'

'Yiqiniso khona ndodana, njengoba ubona nje sengathi unina wentombazane uthanda **ukuphithaniswa** yinjabulo, khona bese singahleli kahle neze ngenxa yokugula komntwana wethu lona. Okukhulu kunakho konke ngibonga ukuphuthuma kwenu enakwenzayo ekubeni senithole umyalezo wokugula kwengane yami.'

'Khona kunjalo baba, okubuhlungu kini kubuhlungu nakithi, okuyintokozo kini kuyintokozo nakithi.'

'Ngakho-ke ndodana nami ngisazoke ngehle ngiyozibonela ngawami ukuthi unjani undodakazi. Lapho-ke ngiyobe sengikwazi ukuthi sibonisane nomzawakho maqondana nezindleko zokwelashwa kwale ngane yami ngoba nasekuqaleni asibange sisabhunga okutheni. Empeleni mina senginqume ukuthi ngizozikhokha izindleko, kepha-ke uma nomzawakho efuna ukufaka isandla, ngeke ngimvimbe kulokho.'

1.1 UZondiwe nobaba kaNokulindela bakuphi njengoba bexoxa kulesi siqeshana? (1)

1.2 Yini lena uZondiwe athi isingcono kakhulu ngoNokulindela? (1)

1.3 Bhala isithakazelo sakwaMchunu esitholakala kulesi siqeshana. (1)

1.4 Bhala okwabonwa yisayoni ngesikhathi sihlolela uSandanezwe? Nikeza amaphuzu AMABILI. (2)

1.5 Sizathu sini esenza uZondiwe alekelele uSandanezwe ngesikhathi ehambisa uNokulindela enyangeni? (2)

1.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi: **ukuphithaniswa** yinjabulo kulesi siqeshana sisho …

A ukusanganiswa yinjabulo.
B ukuguliswa yinjabulo.
C ukucasulwa yinjabulo.
D ukukhaliswa yinjabulo. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.7 Yini eyenza uSandanezwe ahambe engavalelisanga kuNokulindela? Nikeza iphuzu ELILODWA. (2)

1.8 Tomula amazwi/amagama asesiqeshini akhombisa ukuthi kwakumenza akuthokozele uMacingwane ukushesha kukaZondiwe noSandanezwe ngesimo sokugula kukaNokulindela. (2)

1.9 Bhala izinto EZIMBILI ezikhombisa ukuthi umama kaSandanezwe wayeyikholwa. (2)

1.10 Ukuba khona kukaNomgedla kule noveli kulukhulisa kanjani udweshu? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.11 UZabalaza kule noveli uvezwe njengomlingiswa onochuku. Sekela lokhu ngokubhekisa ezigamekweni ezikule noveli. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.12 Umbhali uyisebenzise ngempumelelo inkulumo-mpendulwano ukusethulela abalingiswa kulesi siqeshana. Sekela lesi sitatimende ngokubhekisa kulaba balingiswa abalandelayo:

UZondiwe noMchunu. (2)

KANYE

ISIQESHANA B

Esebakhombisile umfana indawo abazolala kuyo bake badideka yila mazwi ayeshiwo yinyanga.
'Kambe nisho ukuthi uMbeje wayekuhlalise nje wayengasazi nesifo esikuphethe? Umzwile lona ukuthi uthe ufika wangabe enanaza wabe esho ukuthi uphethwe yini yangena kanjani?'
'Mama asazi, abanye abantu bayawazi umsebenzi wabo lapha emnyango. Yena ngokulanda kwakhe umfo kaMbuyisa lona sengathi uthanda ukuwahlumelelisa onke lawa mathemba akade esethanda ukushabalala.'
'Phela lona mfana yinyanga uqobo lwayo akubuzwa nokubuzwa, umuzwa nje evula umlomo ukuthi cha hhayi lapha ngizosinda. Utshelwa yithi-ke esesizaziyo izinyanga. Yena akafani nalezi zinyanga ezivimbayo zithi ziyakwazi ukwelapha isifo kepha zibe zisehluleka ngisho ukusilanda ukuthi sangena kanjani.'
'Yiqiniso lelo Siwela, angithi nodokotela laba bazelapha nje izifo baqale bazi umlando waso bese bazi-ke nokuthi bangasinqoba uma besebenzise ini nani. Uma kusekhona izinyanga ezifana nalezi, kusho ukuthi imithi yethu yesintu ngeke ishabalale.'
'Hhayi, cha, mina wakoSiwela nje angiquli nakuqula ukuthi lapha sifike kwabokugcina. Nakho lokhu kufa noma kuthiwa kunenkani kodwa sengathi sekufike ekugcineni manje. Ngokubona kwami sekuyokheth' ukhethi impela.'
'Nokho uma sekweqe lapha kuyosho ukuthi kwakuvele kungavumanga. Sesingasho impela ukuthi hhiya ngigalele zephuka.'

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.13 Ngubani le nyanga ezincomayo kulesi siqeshana? (1)

1.14 Umama kaSandanezwe wamthola enjani ngesikhathi efika ezombona emzini wale nyanga? (1)

1.15 USiwela wawusiza kanjani umndeni kaSandanezwe ngalolu suku? (2)

1.16 Yini esikhombisa ukuthi umxoxi wale noveli akayona ingxenye yabalingiswa? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.17 Chaza umehluko phakathi kothando uSandanezwe ayeluthola kumama wakhe nalolo ayeluthola kuNokulindela. (2)

1.18 Ucabanga ukuthi yini eyenza ukuthi izinyanga zehluleke ukwelapha isifo esasiphethe uSandanezwe? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.19 Bangazuzani abafundi ngokufunda le noveli? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

1.20 Ngokubona kwakho inkinga yomlingiswa oqavile yaxazululeka yini esiphethweni sendaba? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
[35]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

Funda iziqeshana EZIMBILI (C no D) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA C

'Uqinisile lapho mkami, kodwa lokho akusho ukuthi thethisa umama njengengane. Ukhulume umathanda kuye, uze umkhombe ngomunwe. Ake ngikubuze. Wena kungakujabulisa yini uma ngingathethisa umama wakho phambi kwengane naphambi kwakho na? Ungephatheke kabi? Ngineqiniso ungahlala ungangikhulumisi izinsukwana. Akunjalo?' 'Phela owami umama uyakuhlonipha. Awukaze umuzwe ekhulumisana nengane ngokuhamba kwayo, futhi akafuni ukuhlala nani bakhwenyana emzini yenu.'

'Uqonde ukuthini manje? Ngabe uqonde ukuthi umama owafuna ukuba azohlala nathi? Angithi wena indaba uyazi kahle. Ngabe ufuna ukungitshela ukuthi uma umama wakho engasala yedwa lapha kini, ungeke umthathe umlethe lapha ahlale nathi?'

'Yobe, ayidle izibekele Ndabezitha. Ngiyaxolisa Macingwane omkhulu. Ngicela sibonisane ngale ngane engakafiki kuze kube manje. Awubheke nje ukuthi sikhathi sini manje. Sekushaya ihora lesibili ekuseni ayikafiki namanje le ngane, ngabe kwenzenjani namuhla?' Umakoti eseshintsha inkulumo.

'Ngathini kuwena ngale ngane ifika ebusuku kakhulu ngoMgqibelo na? Angishongo ukuthi khuluma nayo na? Angithi wena lo kuthangi ngakubuza ukuthi usukhulumile nayo, wathi yebo?' esho **ngokufutheka** uyise wentombazane.

'Ngakhuluma nale ngane. Ngakhuluma nayo kabanzi ngokubuya ebusuku kakhulu. Yangithembisa ukuthi isizobuya lingakashayi ihora leshumi.'

'Pho manje ngabe alikashayi ihora leshumi na?'

2.1 UFanyana noMaNene bakuphi njengoba bexoxa kulesi siqeshana? (1)

2.2 Yini ekhombisa ukuthi uMaNene akamhloniphi umamezala wakhe? (1)

2.3 Bhala isithakazelo sakwaMchunu esitholakala kulesi siqeshana. (1)

2.4 Bhala okwenziwa ngumama kaFanyana okukhombisa ukuthi uyakholwa. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.5 Sizathu sini esenza uThembalihle acele imali kubaba wakhe? (2)

2.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi**,** esho **ngokufutheka** uyise wentombazane, sichaza ukuthini kulesi siqeshana?

A Ngokujabula
B Ngokuhleka
C Ngokucasuka
D Ngokujabha (1)

2.7 Yini eyenza uMfundisi uZakwe athathe uMaNyoba noMaNdlovu ngesikhathi ebafica esiteshini eMnambithi? Nikeza iphuzu ELILODWA. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

2.8 Tomula amazwi/amagama asesiqeshini akhombisa ukuthi uMaNene waxolisa kumyeni wakhe. (2)

2.9 Bhala izinto EZIMBILI ezikhombisa ukuthi isoka likaThembalihle lalingenazo izinhloso ezinhle ngaye. (2)

2.10 Ukuba khona kukankosikazi kaMjwayeli kule noveli kulukhulisa kanjani udweshu? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.11 UMaNdlovu kule noveli uvezwe njengomlingiswa okhuthele. Sekela lokhu ngokubhekisa ezigamekweni ezikule noveli. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.12 Umbhali uyisebenzise ngempumelelo inkulumo-mpendulwano ukusethulela abalingiswa kulesi siqeshana. Sekela lesi sitatimende ngokubhekisa kulaba balingiswa abalandelayo:

UFanyana noMaNene. (2)

KANYE

ISIQESHANA D

'Uthi ikholwa elibiza uninazala ngenuku esikhundleni sokumwashela, amncishe ukudla? Athi akahlukane nengane yakhe iphuma esipotini?'
'Qha! Mina …'
'Wena bani? Akuwena yini owawuthethisa umama wakho, uthi akahlukane nengane yakho? Usumlahlile umama wakho usuzomfuna lapha engekho khona. Sengathi angangatholakala ngimfunge ubaba esemathuneni, uyowukhomba umuzi onotshwala. Phuma lapha ngingaze ngi …' Asho athathe iketela elinamanzi abilayo. Waphuma ngelikhulu ijubane elandelwa iketela.
Wafika ekhaya wangawuvala umlomo ngendlela uMaNdlovu amtshele ngayo. Baqala ukuba bethuke manje, kwakufanele ukuba basuke ngaso leso sikhathi baye eMnambithi nabo bayofuna lapho becabanga ukuthi bakhona oyise nonina. Bahamba ubusuku bonke indodakazi yabo ingafuni ngisho ukubakhulumisa.
EThekwini uMjwayeli nomkakhe baya kulo muzi lapho uyise wayejwayele ukuya khona. Bathi bengena nje esangweni, indoda yavulela inja kwakhalwa ubumayemaye inja enkulu ibasukela, wayikhuza. Bacela ukukhuluma nayo, yathi abangene.
Baba ukungena nje endlini yababuza: 'Nginganisiza ngani?'
Kwaphendula uMchunu: 'Besicela ukubuza ukuthi ubaba evalelisa kinina akashongo yini ukuthi uyaphi?'
'Uthe uya eMnambithi. Nikushiso yini lokho?'
'Abafowethu ababatholanga esiteshini, bafike sebehlile esitimeleni.'

2.13 Ngubani igama le ndodana kaManyoba eyabe ihamba imbheka emizini yabantu? (1)

2.14 Bamamukela kanjani uManyoba noMaNdlovu omakhelwane ngesikhathi sebebuya emzini wabo? (1)

2.15 Yiluphi usizo uManyoba alunikezwa ngumakhelwane kaMjwayeli? (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

2.16 Yini esikhombisa ukuthi umxoxi wale noveli akayona ingxenye yabalingiswa? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.17 Chaza umehluko phakathi kothando uManyoba ayeluthola kuMaNdlovu nalolo agcina eluthola emadodaneni akhe. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

2.18 Ucabanga ukuthi yayiyoba njani impilo kaManyoba ukuba akazange eqe epulazini ayesebenza kulo aye eGoli? Sekela ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.19 Bangazuzani abafundi ngokufunda le noveli? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

2.20 Ngokubona kwakho inkinga yomlingiswa oqavile yaxazululeka yini esiphethweni sendaba? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
[35]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu

Funda iziqeshana EZIMBILI (E no F) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA E

Ame isikhashana. Ehle uTholi emotweni. Bajabulelane. Basuke lapho baqonde endlini kaTholakele. Bathi besahamba memfu uBhatomu.
'Bheki, nangu uBhatomu.'
'Kahle Tholi. Ngempela?'
'Uqobo lwakhe.'
'Manje ngenzenjani mina.'
'Cha, asihambe. Sizozwa ngaye ukuthi uthini.'
Kuthuleke. UBheki ahlupheke emoyeni. Angaqondi kahle ukuthi kuzoma kanjani njengoba sekuqhamuke le nsizwa.
'Sanibona makoti.'
'Yebo, sawubona baba.'
'Ubani-ke lo ohamba naye makoti?'
'Umngani wami. Bheki ubaba wasemzini lo.'
UBheki akaphendulanga. Babhekana nje noBhatomu.
'Makoti ngifuna ukukhuluma nawe. Sengathi ngingathola ithutshana eliningi sisobabili.'
Inhliziyo kaBheki ithi xhifi. Abone uTholi embuka sakumeba.
'Xola Bheki. Kuhle sikhulume namuhla nobaba ngoba kusasa ngiyasebenza.'
Noma uBheki yayimphethe kabi le nto wehlisa umoya wahamba. Wabashiya behambisana uBhatomu noTholi beya lapho okuhlala khona uTholi. Imicabango yaphithana futhi emqondweni kaBheki. Wacabanga ukuthi uma uBhatomu ejikela uTholi ethi akabuyele ekhaya angenzenjani. Abone ukuthi okungcono akaqonde ekhaya ayozilalela.
Uthe efika ekhaya wabizwa unina: 'Ufikile umalume wakho.'
'Ufike nini?'
'Ungena usanda kuphuma nje.'
'Uthi ngingabe ngisambona manje.'
'Uthe ngeke alale ningabonene.'
Abone uBheki ukuthi usuku sengathi akusilo olwakhe. **Izinto zithanda ukutsheka**. Abone ukuthi akaqonde khona endlini enkulu, ayobhekana nomalume.

5 10 15 20 25

3.1 Babekuphi oBhekani noBhatomu njengoba bekhuluma kulesi siqeshana? (1)

3.2 Yini ecasula uBhekani ngenkulumo kaBhatomu? (1)

3.3 Bhala isizathu esashiwo nguTholakele sokuthi afune ukukhuluma noBhatomu ngalolu suku. (1)

3.4 Bhala izizathu EZIMBILI ezashiwo ngumalume kaBhekani ezazimenza angafuni ukuthi uBhekani aganwe nguTholakele. (2)

3.5 Sizathu sini esenza uPamella afike esikoleni lapho okufundisa khona uBhekani? (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi: **Izinto zithanda ukutsheka**, sisho ukuthi izinto …

A zihamba kahle.
B ziphathana kahle.
C zihleleke kahle.
D azihambi kahle. (1)

3.7 Yini eyangenisa uTholakele esibhedlela ngokusho koDokotela? Nikeza iphuzu ELILODWA. (2)

3.8 Tomula amazwi/amagama asesiqeshini akhombisa ukuthi uBhekani wacasuka ngalolu suku. (2)

3.9 Bhala izinto EZIMBILI ezikhombisa ukuthi umama kaBhekani uyakholelwa emadlozini. (2)

3.10 Ukuba khona kukaBhatomu kule noveli kulukhulisa kanjani udweshu? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.11 UZenze uvezwe njengomlingiswa othanda imali. Sekela lokhu ngokubhekisa ezigamekweni ezikule noveli. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.12 Umbhali uyisebenzise ngempumelelo inkulumo-mpendulwano ukusethulela abalingiswa kulesi siqeshana. Sekela lesi sitatimende ngokubhekisa kulaba balingiswa abalandelayo:

UBhekani noTholakele. (2)

KANYE

ISIQESHANA F

Axakwe ukuthi usho ukuthini uBhatomu uma ethi uyowuvimba umshado. Sengathi akusiyo into yokuthathwa kancane le. Kuzomele axoxe noTholakele bayisukumele. Acinge unina ukuze amxoxele ngohambo lwakhe.
'Unjani umakoti?'
'Usengcono kakhulu.'
'Ubephethwe yini?'
Abone uBheki ukuthi unina useqonde endabeni yezidakamizwa. Ashintshe umqondo masinyane: 'Cha bathi bekungumkhuhlane nje.'
'Umkhuhlane?'
'Yebo mama.'
'Ungadlali ngami wena Bheki. Ubona sengathi ngiyingane yini? Lalela-ke. Kukhona umuntu ofike lapha wathi uyabuya khona manje ufuna ukukubona.'
'Ubehamba ngani?'
'Ngezinyawo.' Athi ukucabanga uBheki. Kokunye ngabe unina usho uBhatomu.
'Awumbuzanga ukuthi ungubani?'

Downloaded from Stanmorephysics.com

'Uthe unguZenze. Nanguya eza. Lo muntu akaphathwa.'
'Cha, angingene endlini ukuze ngizwe ukuthi ufunani.'
Behlukane-ke. UBheki azibuze imibuzo eminingi kabi ngokuza kukaZenze kubo. Nempela afike uZenze.
'Siyabonana mkhwenyana.'
'Yebo, sawubona.'
'Akonakele lutho. Ngithi angikwazise ukuthi le emakhaya kwamakoti bayakhala, bathi imali incane. Manje bathi ukuze kusheshe kulunge ngoba nakhu nijahile, lethani izinkulungwane ezimbili zamarandi ngaphezu kwale mali ebengiyihambisile.'
Athule uBheki elindele enye incazelo. Ingabibikho. Axakeke ukuthi le mali engaka usezoyithathaphi manje. Abone ukuthi okungcono akaxhumane noTholi kuqala.

3.13 Ngobani laba okuthiwa bakhala ngemali kulesi siqeshana? (1)

3.14 UBhekani wamthola enjani uTholakele esibhedlela ngesikhathi emvakashela okokuqala? (1)

3.15 Yiluphi usizo uLindiwe alunikeza uBhekani ngemuva kokuboshwa kukaTholakele ngosuku lomshado? (2)

3.16 Yini esikhombisa ukuthi umxoxi wale noveli akayona ingxenye yabalingiswa? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.17 Chaza umehluko phakathi kothando uBhekani ayeluthola kumama wakhe nalolo ayeluthola kuTholakele. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

3.18 Ucabanga ukuthi yini eyenza ukuthi uTholakele angabatsheli abantu bakubo ukuthi uyalotsholwa? Sekela ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.19 Bangazuzani abafundi ngokufunda le noveli? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

3.20 Ngokubona kwakho inkinga yomlingiswa oqavile yaxazululeka yini esiphethweni sendaba? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
[35]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 35

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQEPHU B: UMDLALO

UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-G no-H) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA G

MASHEZI:	*(Asukume ame ngezinyawo. Abambelele okhalweni abuke umyeni wakhe ngamehlo anoshikishi)* Wena Duma uyaxaka. Ngiyakubona ukuthi unovadlwana. Intando yeningi isikunikile amandla okuphatha lezi zigodi. Emalokishini uma amakhansela ezobiza umhlangano abika kubani futhi acela kubani? Musa-ke nje ukulokhu uvumela umqondo wakho uzululeke ngakuleso simo. Nguwe ikhansela lapha. Kanti wena wawukhethelwani uma futhi uzobuye **uyonxenxa** oNdabezitha uma usufuna ukwenza okufanele ukwenze njengekhansela?	5
DUMA:	*(Akhombe uMaShezi ngomunwe)* Hlala phansi MaShezi! Wena ungizwa kabi. Mina angesabi kodwa ngiveza lokho engicabanga ukuthi kulindelwe yinkosi uShandu. Eqinisweni nje, mina ngeke ngicele kuye uma sengiqala izinhlelo zentuthuko. Phela abantu bafuna intuthuko nje kwaphela.	10
MASHEZI:	***(****Anqekuzise ikhanda sakuvuma)* Awuzwa-ke baba! Ngifuna indoda enjalo-ke mina. Phela ngasuka lena KwaMashu ngazogana lapha emakhaya ngoba ngikuthanda. Uma ungakuthandabuzi okwenzayo, mina ngizokuthanda kakhulu. Nawe yenza okuzongenza ngingazisoli ngokwenza isenzo esifana nse nokunikela. Phela ilokishi namakhaya yizinto ezimbili ezingafani. Wena letha intuthuko ezokwenza ungabikhona umehluko kulezi zindawo.	15
DUMA:	***(****Amamatheke aze atshekise ikhanda)* Hheyi, yekanini abantu basemadolobheni ngokuzibona bengcono! Hawu! Kanti wawunikela ngokugana lapha kwaDuma?	20

4.1 Ngubani lo MaShezi okuvela igama lakhe kulesi siqeshana. (1)

4.2 Ngokwalesi siqeshana yini enikeza uDuma ilungelo lokuphatha zonke izigodi endaweni? (1)

4.3 Babunjani ubudlelwane phakathi kukaDuma noMbandlwa? Sekela impendulo yakho. (2)

4.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

'... uma futhi uzobuye **uyonxenxa** oNdabezitha …'

Igama elibhalwe ngokugqamile lisho ...

A ukuncenga.
B ukuxoxa.
C ukushaya.
D ukusebenza. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.5 Tomula umusho okulesi siqeshana ositshela ukuthi uDuma wayengenalo uvalo lokubiza imihlangano yentuthuko endaweni ngaphandle kokwazisa inkosi. (2)

4.6 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

IKHOLOMU A	IKHOLOMU B
4.6.1 Ummeli	A UMaNgema
4.6.2 Inkosikazi yenduna	B USibanda
4.6.3 Inkosikazi yenkosi	C UDlungwane
4.6.4 Umphathi wamaphoyisa	D UMaMsomi

(4 x 1) (4)

4.7 Chaza ukuthi kungani sithi uDuma ungummeleli kulo mdlalo? (2)

4.8 Ithini indikimba yalo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)

4.9 Bhala okufanayo phakathi kwalaba balingiswa abalandelayo: uFohloza noDabula. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

4.10 Ngokubona kwakho okwenzeka kulo mdlalo kuyakholakala futhi kuyinto engenzeka yini empilweni yangempela? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

KANYE

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQESHANA H

(Emagcekeni esikole kunamaphoyisa, osopolitiki ababili, yisikhulu sikaHulumeni kanye nalabo abakade besesibhedlela. Abantu batheleke ngezinkani. Umfundisi nguye ongusihlalo)

MAZONGOLO: Njengoba senizizwele osopolitiki bekhuluma nani, naphinde nezwa noDuma exolisa ngokushayisa kwakhe, manje-ke ngizonifundela umbiko wenkosi. *(alungise ipheshana aliphethe maqede aqale afunde)* Ithi inkosi yesizwe sakithi, 'Ngibingelela isikhulu sikaHulumeni, osopolitiki bezinhlangano zabantu kanye nesizwe sonke. Sizwe sami engisithandayo, okwenzekile kufana nento esingeke sisakwazi ukuyiguqula. Asebefile ngeke sibavuse kodwa ngethemba ukuthi sifunde lukhulu kukho konke osekwenzekile. Ngabe angiyazi into engiyiphilelayo uma ngingababongi laba bantu besifazane ababili umkami uMaNgema, kanye noMaShezi, umkaDuma. Bobabili babambe iqhaza elibaluleke kakhulu ekucisheni lo mlilo. Ngempela baqinisile abathi, abantu besimame bayimbokodo. Kusukela manje ikhansela lizoqhubeka nohlelo lokuletha intuthuko esizweni sami. Nalo liqaphele ukuthi lisebenzisana nabantu abanjani. Mina-ke ngizolisiza ikhansela. Njengoba alikabi nayo indlu yokusebenzela, mina nginikela ngendlu elaphaya emzini wami. Leyo ndlu iseduze kwesango. Yiyo-ke ezoba yigunjana azohlelela kulo konke okuqondene nemisebenzi yakhe. Ngizovala ngokubonga amaphoyisa asebenze ngokuzikhandla ukubhula lo mlilo. Yimina inkosi yenu, uShandu.'

ABANTU: *(bonke kanye kanye)* Ndabezitha!

MAZONGOLO: *(agoqe ipheshana lelo)* Sizwe senkosi, uNdabezitha useshilo! Hambani nani nenze njalo! UNkulunkulu emuhle uzosisiza! Makadunyiswe!

4.11 Ngubani owayengusihlalo walo mhlangano okukhulunywa ngawo kulesi siqeshana? (1)

4.12 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU incwadi eyabhalwa yinkosi. (3)

4.13 Chaza isakhiwo salo mdlalo ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo. Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana ngasinye.

4.13.1 Isethulo (2)

4.13.2 Ukulandelana kwezigameko (2)

4.14 Ucabanga ukuthi ngubani owayenza ukuthi kube nodlame kule ndawo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

4.15 Uyavumelana yini nokuthi lo mdlalo wenzeka endaweni yasemakhaya? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

4.16 Uphumelele yini umbhali walo mdlalo osihloko sithi: Ababulali Benyathi, ukulandela isihloko somdlalo ekubhaleni kwakhe? Sekela impendulo yakho. (2)

[35]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-I no-J) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA I

MTHOFI:	Udakiwe, ngizobuya emva kwezinsukwana nje sengiyilandile.	
SONTO:	Kodwa ...	
MTHOFI:	*(Akhulume uSonto engakaqedi ukukhuluma.)* Ngiyithole-ke imali yami uma ngibuya sisi, uyangizwa?	
SONTO:	Ngiyakuzwa. Kodwa awu bakithi ... *(Waphuma uMthofi elengise isibhamu ngesandla, eshiya uSonto ekhala. Emva komzuzwana **azihudule** aqonde ekamelweni. Kusenjalo kungene uMbhele ephefumulela phezulu.)*	5
MBHELE:	*(Ememeza esemnyango.)* Sonto, Sonto, u-right? Ukuphi?	
SONTO:	*(Esabela ngokwethuka esekamelweni.)* Ngingapha s'thandwa sami. Yini, kwenzenjani?	10
MBHELE:	*(Engena egijima.)* Akakulimazanga kodwa?	
SONTO:	*(Ngokwethuka)* Usho ubani Mphemba?	
MBHELE:	Ngisho le ndoda ephuma lapha endlini ephethe isibhamu ngesandla.	
SONTO:	*(Akhulume engazi ukuthi uzothini.)* E ... Kayingi ...	15
MBHELE:	*(Emangele)* Yini, kanti kwenzekani lapha Sonto?	
SONTO:	*(Eshalashalaza)* Nami angazi.	
MBHELE:	Okunye-ke lokhu. Kanti ubezofunani emzini wami lowaya mlisa ophethe isibhamu Sonto? Khuluma! Wankwankwaza nje, yini?	
SONTO:	Angimazi nami s'thandwa.	20
MBHELE:	*(Ngokuthukuthela)* Sonto, ngingafike ngishiye wena emzini wami njengenkosikazi yami, uma ngibuya ngihlangana namadoda aphethe izibhamu bese uzongitshela ukuthi awazi uma ngikubuza? Musa ukungisanganela, awukhulume wena.	
SONTO:	Ufuna ngithini Mphemba?	25
MBHELE:	Yini ngisole sengathi udinga okuzokunika umfutho wokukhuluma nje sisi?	
SONTO:	Umfutho wani manje Mphemba?	
MBHELE:	*(Ekhuluma kunyuke izwi.)* Hhayi bo! Kanti lowaya muntu akangenanga yini lapha endlini?	

5.1 Ngubani lo Mbhele okuvela igama lakhe kulesi siqeshana? (1)

5.2 Ngokwalesi siqeshana yini eyayizofunwa nguMthofi emzini kaMbhele? (1)

5.3 Babunjani ubudlelwane phakathi kukaMaNsibande noMfundisi? Sekela impendulo yakho. (2)

5.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Emva komzuzwana **azihudule** aqonde ekamelweni.

Igama elibhalwe ngokugqamile lisho …

A ukuhamba sengathi awuthandi.
B ukugijima ngesivinini esikhulu.
C ukulala isikhashana esincane.
D ukusebenza ngomfutho omkhulu. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

5.5 Tomula amagama akulesi siqeshana asitshela ukuthi uSonto wayengazi ukuthi kumele athini kuMbhele ngesikhathi embuza ngendoda eyaphuma emzini wabo ilengise isibhamu. (2)

5.6 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

IKHOLOMU A	IKHOLOMU B
5.6.1 Ummeli kaMbhele	A UDlamini
5.6.2 Umakhelwane kaMbhele	B UNtshangase
5.6.3 Umfundisi	C UMaMkhize
5.6.4 Unina kaSonto	D UZondo

(4 x 1) (4)

5.7 Chaza ukuthi kungani sithi uSonto ungummeleli kulo mdlalo. (2)

5.8 Ithini indikimba yalo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)

5.9 Bhala okufanayo phakathi kwalaba balingiswa abalandelayo: uSonto noMthofi. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

5.10 Ngokubona kwakho okwenzeka kulo mdlalo kuyakholakala futhi kuyinto engenzeka yini empilweni yangempela? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

KANYE

ISIQESHANA J

MAMKHIZE: Yikho wawusuthi ubona sengathi usecabanga ukukushiya.
SONTO: Leso esinye sezizathu.
MAMKHIZE: Wase ubona kungcono afe.
SONTO: *(Ekhala)* Yebo, ukuze ngithole imali.
MAMKHIZE: Manje sekuvela kanjani ukuthi nguwe owahlela ukufa kwakhe?
SONTO: Amaphoyisa abamba oMthofi.
MAMKHIZE: Obani manje oMthofi?
SONTO: Yilezi zinja engangizithumile. Zavele zalikhipha lonke iqiniso.
MAMKHIZE: Awu Mntanami!
SONTO: Kunjalo nje mama. Bazobe bengofakazi benkantolo bonke laba bantu. *(Ekhala kakhulu.)* Ngeke ngidabule mama, ngeke!
MAMKHIZE: Ungalilahli ithemba mntanami.
SONTO: Sengililahlile.
MAMKHIZE: *(Ekhala)* Awu Mntanami …
SONTO: Ngiyaxolisa mama ngokukuzwisa ubuhlungu.
MAMKHIZE: Ngiyakuxolela mntanami. Kodwa mina ngisenalo ithenjana lokuthi …
SONTO: Sisodwa nje isicelo sami mama.
MAMKHIZE: Khuluma mntanami, ngilalele.

Downloaded from Stanmorephysics.com

SONTO:	Ngicela ungikhulisele ingane yami.	
MAMKHIZE:	Ngiyezwa mntanami.	20
SONTO:	Umkhulise kahle mama, umtshele ukuthi umhlaba uyahlaba mama. Umtshele ukuthi abathatha izindlela ezinqamulelayo ezinokukhohlakala babolela ejele njengami.	
MAMKHIZE:	Ngeke ubolele ejele mntanami. Uzophuma ukhulise indodakazi yakho.	
SONTO:	Ngiyofela lapha mama. *(Akhale Kakhulu.)* Awu, ngiyazisa ngomntanami, ngake ngazenza ngathanda imali, ngavumela uSathane angenze ingelosi yakhe!	25
MAMKHIZE:	Kangivalelise mntanami, nakhu sekuthiwa sesiphelile isikhathi. Usale kahle mntanami.	
SONTO:	Uhambe kahle mama. Ungikhonzele enganeni yami. Ungixolisele kakhulu kuyo. Uyitshele ukuthi ikhule ingabi njengami. Uyitshele ukuthi ngiyohlala ngiyithanda.	30

5.11 Ngobani abalikhipha lonke iqiniso mayelana namacala kaSonto? (1)

5.12 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU inkulumo phakathi kukaSonto nonina kusukela emgqeni we-15 kuya kowa-30. (3)

5.13 Chaza isakhiwo salo mdlalo ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo. Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana ngasinye.

5.13.1 Isethulo (2)

5.13.2 Ukulandelana kwezigameko (2)

5.14 Ucabanga ukuthi ngubani owayenza kube nobugebengu kule ndawo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

5.15 Uyavumelana yini nokuthi lo mdlalo wenzeka endaweni yasedolobheni? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

5.16 Uphumelele yini umbhali walo mdlalo osihloko sithi: *Icala Kaliboli*, ukulandela isihloko somdlalo ekubhaleni kwakhe? Sekela impendulo yakho. (2)
[35]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-K no-L) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA K

(Kusekuseni, uThenjiwe uhlezi endlini. Ukhuluma yedwa)

THENJIWE: Impela ukufa kungizondile. Angisaphathi-ke udlame. Lungenze **isilo sengubo**. Kodwa ngavele ngabona indlela abengiphethe ngayo uMntungwa. Bengisathi ngisazomenzela izimanga. Bengithi nje ngifuna ukumzalela umqemane webhungu. Into engiphethe kabi ukuthi ngisemncane ngiyoguga nini nje ngiphethwe yisizungu esinje. Kusho ukuthi ngizoba yingane yalapha ekhaya? Ngeke. Ngizocela bangidedele ngizibuyelele ekhaya ngiyoqala impilo phansi. *(Athule kancane)* Bangisize-ke nkosi yami bangangitsheli indaba yokungena. Ngeke ngiyingene. Ngingamane ngife ngiyimpohlo. *(Kungene uThabi)*

THABI: Bengithi uyakhuluma sisi?

THENJIWE: Cha ngisuke ngaphunyukwa umcabango. Into engiyenziwe udlame ngeke ngiyikhohlwe Thabi.

THABI: Impela nami sisi ngisho njalo. Impela ubhuti uSikhumbuzo ubesemncane kabi. Siyomkhumbula kakhulu. Manje wena sisi uzokwenzenjani?

THENJIWE: Angazi Thabi. Ngicabanga ukucela ubaba ngivele ngizibuyelele ekhaya.

THABI: Ngeke kulunge sisi. Phela thina besesijwayele ukuhlala nawe. Kungakubi nje uma ungasekho lapha ekhaya. Sengathi ubaba angeze avuma.

THENJIWE: Into manje uma ngihleli lapha ekhaya; ngeke ngize ngikuthole ukujabula. Ngiyohlale ngikhumbula uMntungwa njalo nje. Ubengithanda; ngimthanda lowo muntu.

THABI: Cha uqinisile lapho sisi; kodwa yena umama angathini nje ezwa kuthiwa uyahamba. Sihlushwa ukuthi asinayo into esingakuqeda ngayo isizungu. Besingayifuna siyithole uma ikhona.

6.1 Ngubani lo Sikhumbuzo okuvela igama lakhe kulesi siqeshana? (1)

6.2 Ngokwalesi siqeshana yini eyenza ukuthi uThenjiwe afune ukubuyela kubo? (1)

6.3 Babunjani ubudlelwane phakathi kukaMondise noZungu? Sekela impendulo yakho. (2)

6.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Lungenze **isilo sengubo**.

Ibinzana elibhalwe ngokugqamile lisho …

A ukwehlelwa into embi.
B ukwehlelwa into enhle.
C ukwehlelwa into emnandi.
D ukwehlelwa into eyihlaya. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

6.5 Tomula umusho okulesi siqeshana ositshela ukuthi uThenjiwe wayezokhuluma noManzini ngodaba lokubuyela kubo. (2)

6.6 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

IKHOLOMU A	IKHOLOMU B
6.6.1 Uyise kaDumisani	A UMaMkhize
6.6.2 Unina kaThenjiwe	B UZungu
6.6.3 Umakhelwane wakwaZungu	C UNondumiso
6.6.4 Ingane kaMondise	D UMaNzuza

(4 x 1) (4)

6.7 Chaza ukuthi kungani sithi uThenjiwe ungummeleli kulo mdlalo? (2)

6.8 Ithini indikimba yalo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)

6.9 Chaza okufanayo phakathi kwalaba balingiswa abalandelayo: uGugu noNondumiso. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

6.10 Ngokubona kwakho okwenzeka kulo mdlalo kuyakholakala futhi kuyinto engenzeka yini empilweni yangempela? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

ISIQESHANA L

(*UThenjiwe noDumisani bahlezi endlini bayaxoxa)*

DUMISANI: Awubheke ucishe wona ubuhle nobumnandi bendumezulu yomshado.
THENJIWE: Eqinisweni njalo ngangingaboni impela ukuthi singasuke silandele isiko bese siyathandana. Namanje ungathi ngiyaphupha.
DUMISANI: Uma ubheka uthi umfowethu ungibeka icala ngalesi senzo sethu?
THENJIWE: Noma ngabe wayediniwe, naye engafuni ngikugane, kodwa ubaba ngendlela achaza, washweleza ngayo, nomufi waneliswa.
DUMISANI: Kodwa wawutholaphi lo shevu owawuthi ungijuqa ngawo?
THENJIWE: Ngicela ungabe usayikhuluma leyo ndaba, ingenza ngibe namahloni amangalisayo.
DUMISANI: Abahlola leliya tiye bathi ukuba ngake ngaliqhabula kanye, ingqakala yayiyobheka eZulwini.
THENJIWE: Ngasuke ngavukwa inzondo embi, idalwa ukuthi uSipho wayefe ngenxa yakho.
DUMISANI: Kanti nanihlobene kanjani noSipho?
THENJIWE: Kwakungumngani wami omkhulu. Mhlawumbe sasiyogcina sithandana nje. Uyena owayekwazi ukungiduduza uma ngikhumbule umfowenu.
DUMISANI: Ngaphatheka kabuhlungu kabi mina ngizwa kuthiwa useshonile.
THENJIWE: Ngifisa ukuyobeka imbali yodwa vo ethuneni lakhe. Ngifuna nokuvalelisa ngoba washona ngithi ngisambona.

Downloaded from Stanmorephysics.com

DUMISANI:	Ngizwa kuthiwa wakubhalela incwadi engakashoni.	
THENJIWE:	Edabukisa kakhulu. Sengathi wayebona ukuthi usezofa.	
DUMISANI:	Akashongo lutho ngami?	
THENJIWE:	Wayengayeka kanjani? Wathi angomxolisela kuwe futhi ngigcine ngikuganile. Yayimfushane incwadi idle ngokujula. Yayilokhu iphinda wona la magama engiwashoyo.	25

6.11 Ngubani owabhalela uThenjiwe incwadi edabukisayo? (1)

6.12 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU inkulumo phakathi kukaThenjiwe noDumisani kusukela emgqeni we-10 kuya kowama-25. (3)

6.13 Chaza isakhiwo salo mdlalo ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo. Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana ngasinye.

6.13.1 Isethulo (2)

6.13.2 Ukulandelana kwezigameko (2)

6.14 Ucabanga ukuthi ngubani owayecindezela uThenjiwe ngesiko lokungenwa? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

6.15 Uyavumelana yini nokuthi lo mdlalo wenzeka endaweni yasemakhaya? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

6.16 Uphumelele yini umbhali walo mdlalo osihloko sithi: Isiko Nelungelo, ukulandela isihloko somdlalo ekubhaleni kwakhe? Sekela impendulo yakho. (2)

[35]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 35

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE

Kulesi siqephu, imibuzo ibuzwe kulezi zindaba ezimfushane ezilandelayo:

- 'Noma Nini' ebhalwe nguNE Mbesa
- 'Umakhonya' ebhalwe nguS Bhengu

UMBUZO 7: '*IZINYEMBEZI ZOTHANDO*' – DBZ Ntuli

Funda lezi ziqeshana ezilandelayo ezitonyulwe ezindabeni ezimfushane ezimbili bese uphendula imibuzo ehlelwe esiqeshini ngasinye. Inani lamamaki elabelwe umbuzo ngamunye sebenza njengomhlahlandlela wobude bempendulo.

QAPHELA: Phendula imibuzo ehlelwe kuzona zombili iziqeshana, okungukuthi UMBUZO 7.1 NOMBUZO 7.2.

7.1 **'NOMA NINI' – NE Mbesa**

ISIQESHANA M

'Ngiye ngiphuphe sengathi ngamukela isinkwa kubaba.'

'Uma uthi 'ubaba' usho kambe uyihlo noma uMatshana?' kungenela umkhokheli.

'Yebo, ngisho yena uSithole. Ngithi lapho ngithi ngiyasemukela kumane kuqhamuke isivunguvungu ongakaze usibone selokhu wazalwa. Isivunguvungu simane siphephethe umhlaba engimi kuwo, uguguleke kuze kusale lapho kumi khona izinyawo zami. Khona manjalo, kungabe kusaba isinkwa esiphethwe uSithole, siphenduke ingane ezelwe, esongwe kahle ngezingubo. Idedeleke ingane iphephuke nomoya ezandleni zami. Ngiphaphame sengikhala ngithi, 'Hawu umntanami'!'

Kuthi ukuthi **cwaka** lapha endlini. Kuzwakale igovu lalapha ekhaya likhuza libabaza ngasesangweni. Kuqhamuke okuyisimaku salapha ekhaya sekugulukudela, kwenanela igovu kuyophuma ngomnyango. Ezwakale ugogo ethi, 'Thulani nina, fuseki Master, nawe Snowy fuseki!'

Athathe umkhokheli athi, 'Bala MaShandu, noma ngingemchazi wamaphupho nje, sengathi likuzela nalukhulu.'

'Nibakhulu ekhaya,' kusho kungena uMphiwa, indodana yalapha ekhaya ilandelwa umakoti wayo uDelisiwe. Ngemuva kwabo kubhuduzela abantwana babo ababili, bayagegetheka, babangisana ngogogo wabo. NoSnowy naye akazibekile phansi, weqa amangqabithi ukujabula. Asukume uMaShandu naye abawole abazukulu bakhe kubheke lena nalena.

Nomkhokheli azibone naye esevalelisa kuwo lowo mnyama. Ubesephume ngesango, nogogo naye esemvalelisile, lapho ecabange khona ukuthi akasashongo ukuthi usebone ukuthi kuhle umhlangano kaMaria ulethele uMaShandu imisa ngoLwesine.

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.1.1 UMaShandu wayelixoxela bani iphupho elabe limhlupha ngalolu suku? (1)

7.1.2 Iyiphi ingane kaSithole eyafika kuqala njengoba babezilindile nje? (1)

7.1.3 Tomula igama elisesiqeshini elisho ukuthi kwake kwathula endlini. (1)

7.1.4 Usonta kuphi umndeni kaSithole ngokwalesi siqephu? (1)

7.1.5 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU iphupho likaMaShandu ayelixoxa ngalolu suku. (3)

7.1.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Hlobo luni lwesifengqo oluqukethwe yilo musho olandelayo?

Kuzwakale igovu lalapha ekhaya likhuza libabaza ngasesangweni.

A Ihaba
B Ukwenzasasilwane
C Ukwenzasamuntu
D Isifaniso (1)

7.1.7 Emzini kaSithole baphila kahle. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

7.1.8 Yini ekhombisa ukuthi u-Apple Face ungumlingiswa oqaphelayo futhi ongakhohlwa kule ndaba emfushane? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

7.1.9 Yini inhloso yombhali yokusibhalela le ndaba emfushane. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

7.1.10 Uma wawunganikwa ithuba lokuqamba isihloko sale ndatshana wawungayinikeza isihloko esithini? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (3)

KANYE

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.2 **'UMAKHONYA' – S Bhengu**

ISIQESHANA N

Nakuba ayengasahlali nje kubo uMvuseni, kepha wayede efika ekhaya, ephathele unina izimpahlana. Wayengahlali isikhathi eside ngoba wayazi ukuthi angangena noma nini uyise. Akekho-ke owaziyo ukuthi kungenzekani uma emfica lapha emzini wakhe.

Konke lokhu wayekuzwa uMakhoba. Ingani usebenza nabo omakhelwane abasebenza behlala emakhaya! Abanye bathi uke alale ekhaya ethemba ukuthi akazukubuya uyise. Omakhelwana laba bayamvuna uMakhoba. Kwakusengathi bayakujabulela okwakwenzeka emzini wakhe.

NgoLwesithathu namuhla. Usewenze wonke amalungiselelo okuya kwakhe uMakhoba. Nemoto azohamba ngayo isimi ngomumo. Uyiqashile le moto. Uzosuka lapha phakathi kwamabili, ayohlola ukuthi kwenzekani emzini wakhe ngesikhathi engekho. Uma kushaya ihora leshumi nambili, uyaziphuma, uthatha indlela ebheke kwakhe. Akakaze agoduke ngalolu suku, uyaqala ngqa nje namuhla. Uzophatha iwisa aligoqe ngephepha. Uma kungenzeka nje amfice uMvuseni kwakhe, kuyoncinciza iphoyisa. Uma engamficanga, sekuyoba sengathi ubeliphethe nje ukuze ahlale eziqaphile njengendoda. Uyathandaza kodwa ukuthi azithele nje, ukuze azibone ukuthi ufana nobani.

Lishaye ihora leshumi nambili. Asuke aqonde emotweni. Ayishaye izule. Kuyibanga impela ekhaya. Kusobala uyofika selishaye ledlula ihora lokuqala. Kuyoba kuhle angamfici lo mfana. Nakanjani phela uzomphihliza. Akasenandaba, noma angasala nendodakazi yakhe le eyodwa uBusisiwe ngoba isamazi ukuthi unguyise.

7.2.1 Wayesuke ezokwenzani uMvuseni ekhaya kubo ngoba ubaba wakhe wayesemxoshile? (1)

7.2.2 Shono ukuthi uMakhoba wakukhombisa kanjani ukuthi akamethembi umkakhe kulesi siqeshana. (1)

7.2.3 Bhala izinkinga EZIMBILI ayebhekene nazo uMaNdelu. (2)

7.2.4 Xoxa kafushane ngamaphuzu AMABILI okwenzeka ngesikhathi uMakhoba efika ekhaya ebusuku. (2)

7.2.5 Bhala uxoxe ngamaphuzu AMABILI isisusa sodweshu kule ndatshana. (2)

7.2.6 Ubani umlingiswa omkhulu kule ndaba? Sekela impendulo yakho. (2)

7.2.7 Xoxa ngesigameko esiyingwijikhwebu kule ndatshana. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.2.8 Umbhali uwulandelile yini umgomo wenani labalingiswa okufanele batholakale endabeni emfushane kule ndatshana? Sekela impendulo yakho. (2)

7.2.9 Ngokucabanga kwakho yaba njani impilo emzini kaMakhoba emva kwale ngozi eyadaleka? (2)

7.2.10 Ngokwakho ukubona kwakuwumqondo omuhle yini ukuthi uMakhoba adilize indlu kaMvuseni ukukhombisa ngempela ukuthi wayengasamfuni kwakhe? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU C: 35

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQEPHU D: IZINKONDLO

Kulesi siqephu, imibuzo ibuzwe kulezi zinkondlo ezilandelayo:

- 'Sthandwa Sami' ebhalwe nguThembinkosi B Qwabe
- 'Siphukuphuku Ndini' ebhalwe nguLMMS Madondo

QAPHELA: Phendula imibuzo ebuzwe kuzona zombili izinkondlo, okungukuthi UMBUZO 8.1 NOMBUZO 8.2.

UMBUZO 8: *AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala

8.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

STHANDWA SAMI – Thembinkosi B Qwabe

Sengikhona ngingangawe;
Woza mnta kamama,
Woza ethafeni lokuhlangana kwethu,
Lapho kushaya khona umoya opholile,
Lapho kuhlanganise khona umculo omtoti,
Wezinyoni ezicikoza kamtoti okokhokho bazo,
Nowezinyosi ezizingela impova namanz' oju.

Woza sithamundelane izindaba zothando,
Olumi ngezinyawo ludlula iziqongo,
Sixoxe kunganyakazi zindebe zomlomo,
Odlulayo nobukayo adabuke phakathi,
Engibuka angibone ngisenhlameni yenomfi,
Kanti ubuso bami nokuzithoba kwami,
Yikhona okumshaya ngemfe iphindiwe.

Woza s'thandwa senhliziyo yami,
Ngikugqolozele ungigqolozele ezinhlamvini zamehlo,
Ziphuphuma ukwethaba nothando olucwebile,
Oluyaye lushayelwe ubuwahlawahla behlombe,
Wulwandle ludlalisela phambi kwethu,
Luzibumbela imibimbi emihle ekhangayo,
Efa ivuke ngokuphazima kuhle okwedangabane.

Woza s'thandwa senhliziyo yami,
Ngikubambe ngqi ngikuwolele esifubeni,
Ucamele kusona sethabe othandweni olujulile.

Mina nawe sahlanganiswa kubuk' ilanga
Ngakukhipha ngikubambe ngesandla,
Usubavumile abakhwenyana basemzini,

Downloaded from Stanmorephysics.com

28	Ngakubamba ngesandla usuya emzini
29	Ngafike ngakushiya ngezinyembezi ezazigeleza,
30	**Ezazivovwa yinhliziyo yami eyayidangele,**
31	Ngakushiya ngabuya ngingasakuphethe ngezandla,
32	Kepha sengikuphethe ngenhliziyo nengqondo.
33	Woza-ke s'thandwa senhliziyo yami,
34	Wena ungowami,
35	Nami ngingowakho,
36	Size sihlukaniswe ngukufa.

8.1.1 Yiliphi igama elisenkondlweni elisho ukuxoxelana? (1)

8.1.2 Tomula umugqa osho ukuthi imbongi ifuna ukuthi babukane emehlweni nesithandwa sayo esitanzeni sesi-3. (2)

8.1.3 Fingqa ngamaphuzu AMABILI umqondo osobala wenkondlo esitanzeni sesi-4. (2)

8.1.4 Bhala imigqa EMIBILI efakazela ukuthi lo muntu okukhulunywa ngaye ungumuntu wesifazane esitanzeni sesi-5. (2)

8.1.5 Imbongi iyisebenziseleni imigqa evalekile kule nkondlo yayo? (2)

8.1.6 Iqondeni imbongi ngalawa mazwi?
Ezazivovwa yinhliziyo yami eyayidangele, (2)

8.1.7 Bhala uhlobo lwesifengqo olutholakala kulo musho olandelayo:
'Wulwandle ludlalisela phambi kwethu' (2)

8.1.8 Kunamthelela muni ukusebenzisa isenzukuthi emgqeni wama-23? (2)

8.1.9 Imbongi igcizelelani kule nkondlo? (2)

KANYE

Downloaded from Stanmorephysics.com

8.2 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

Siphukuphuku Ndini – LMMS Madondo

1 **Siphuphutheki** ndini ungisaphi?
2 Ungithubelezis' okwenkomo yokwebiwa.
3 Kwenzenjani engqondweni yakho?
4 Ujezisa ilungelo owaliphiwa uMdali
5 Lokumelekelela ekudalekeni kwami
6 Ungidlisa emadlelweni **mbumbulu**,
7 Uyambuluza ungifunze ubumbulu.

8 Siduphunga ndini ucabangani?
9 Uthini ngemvelaphi yami engingenakuyazi?
10 Ngendlela ongifihlele ngayo ukuyazi
11 Wangifunza obakh' ubumpoqabulungu,
12 Ngidedele ngifund' olwami ulimi,
13 Ngivumele ngiqonde elami isiko,
14 'Ze nami ngikhulise abami ngendlela.

8.2.1 Tomula imigqa EMIBILI eyisibonelo se-injambamenti esitanzeni soku-1. (2)

8.2.2 Bhala elinye igama elisho isiphukuphuku elisesitanzeni sesi-2. (1)

8.2.3 Hlobo luni lwefanamsindo olutholakala emgqeni wesi-5? Phinda uwubhale umugqa wesi-5 bese udwebela izinhlamvu ezesekela impendulo yakho. (2)

8.2.4 Bhala isizathu esishiwo yimbongi sokufuna ukwazi ngamasiko ayo. (2)

8.2.5 Iqonde ukuthini imbongi ngegama elibhalwe ngokugqamile emgqeni wesi-6? (2)

8.2.6 Imbongi ikhuluma nomzali wayo kule nkondlo. Tomula imigqa EMIBILI esesitanzeni soku-1 efakazela lokhu. (2)

8.2.7 Bhala imigqa EMIBILI enemvumelwano etholakala esitanzeni soku-1 bese usho uhlobo lwayo. (2)

8.2.8 Uyavumelana yini nokuthi imbongi ilisebenzise kahle igama elithi isiphuphutheki kule nkondlo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

8.2.9 Ngokucabanga kwakho kubaluleke ngani ukuthi umuntu afunde ulimi lwakhe? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

AMAMAKI ESIQEPHU D: 35
AMAMAKI ESEWONKE: 70

Downloaded from Stanmorephysics.com

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NOVEMBA 2023

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 70

Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi angama-30.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA:

- Ohlolwayo akufanele aphendule imibuzo engaphezulu kowodwa ngohlobo olufanayo lombhalo.
- Uma umfundi enikeze izimpendulo ezimbili, maka eyokuqala bese ungayinaki elandelayo.
- Uma izinombolo zezimpendulo zingahleliwe ngendlela efanele, maka ngokwememo.
- Uma iphutha lesipelingi liphazamisa umqondo, ayingamukelwa leyo mpendulo. Uma lingawuphazamisi umqondo, ayamukelwe impendulo.
- Uma ohlolwayo engabasebenzisi onokucaphuna lapho kuthiwe akacaphune khona, ungamjezisi ngalokho.
- Emibuzweni evulekile, akunganikwa mamaki ngoYEBO/CHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMI. Kanjalo futhi akukho mamaki okumele anikezwe ngoYIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Kumele kugxilwe kulokhu okwesekelwa ngakho impendulo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQEPHU A: INOVELI

UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa

ISIQESHANA A

1.1 BakwaMchunu√/Basemzini kaMchunu.√/Bakubo kaNokulindela√ (1)

1.2 Ingqondo isibuyile sekuphelile ukuhhema√/ukugula.√ (1)

1.3 UMacingwane√/UMacingwane eseNgonyameni√ (1)

1.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Sathi sibona idimoni elibi elikhwele uSandanezwe.√/
- Sathi kukhona abamphonsayo.√/
- Bamthumelela indoda emfishane emunca igazi emzimbeni.√/
- Leli gazi lenza umbhulelo omubi.√ (2)

1.5 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayefuna ukumnikeza usizo lokuthi uma uNokulindela ebaleka ambambise yena. √√/
- Kwakufanele abagade bobabili ngoba babengaphilile. √√/
- Wayezwelana kakhulu nomzala wakhe.√√/
- Yingoba babenobudlelwane obuhle. √√ (2)

1.6 A √/Ukusanganiswa yinjabulo√ (1)

1.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayephume esibhedlela ngendlela engekho emthethweni wangabe esakwazi ukuyodlula kuNokulindela. √√/
- Wayesagula, wayengeke esakwazi ukudlula kuNokulindela ngoba kuyibangana ukuya khona. √√/
- Wayesephuthuma kule nyanga ayesezwe ngayo. √√/
- Wayesaba ukumtshela ngesimo sakhe sokugula. √√ (2)

1.8 … ngibonga ukuphuthuma kwenu.√√ (2)

1.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayekhuthaza uSandanezwe ukuthi aye kumthandazi uNdebele.√/
- Ngesikhathi uSandanezwe eqe esibhedlela wathi bangakhohlwa ukuthi noMdali unendawo kulesi sidalwa sakhe esingumuntu. √/
- Wathi bekungangcono aqale kubathandazi ngaphambi kokuthi aye ezinyangeni. √/
- Umkhulu Mvelingqangi. √ (2)

1.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wavuma ukuthunywa nguZabalaza ukuyofakela uNokulindela umuthi wentando.√/
- Isixakaxaka esasuka emzini kaMchunu sabangelwa uyena uNomgedla njengoba bengazi nje ukuthi ingane yabo iphethwe yini. √/
- Ngesikhathi esegula uNokulindela, uNomgedla walikhuluma iqiniso. √/
- UZabalaza, uNomgedla noJiyane bahlawuliswa ngokudlisa ingane kaMchunu. √ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.11 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayehlekisa ngokugula kukaSandanezwe. √/
- Wasebenzisa igama likaSandanezwe ukumnyundela engodusweni yakhe.√ /
- Wachukuluza uSandanezwe ngokucula iculo elalihlekisa ngaye ngesikhathi uZabalaza ehamba nezinsizwa zangakubo.√/
- Wayevimba uNokulindela endleleni emshela ngenkani. √ (2)

1.12 Inkulumo-mpendulwano ikwazile ukunonga indaba nokusethulela abalingiswa kanje:
- UMchunu njengomlingiswa okwaziyo ukubonga uma umuntu emenzele into enhle. √/
- UZondiwe njengomlingiswa okwaziyo ukunakekela izihlobo zakhe. √/ (2)

KANYE

ISIQESHANA B

1.13 UMbuyisa√ (1)

1.14 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Isimo sasesisibi kakhulu kunakuqala.√/
- Umzimba wakhe wawusuwehlile/ wawehlile.√/
- Wayekhwehlela enosi oluhishayo.√/
- Wayesenezilonda ezivumbuke wonke umzimba. √/
- Wayephethwe nayisihudo. √ (1)

1.15 Wawuhambisa ngemoto yakhe enyangeni uMbuyisa kwaCeza. √√ (2)

1.16 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Akukho okwenzeka endabeni okuthinta umxoxi ngqo.√/
- Uyibhale le ndaba njengomuntu wesithathu.√/
- Akasebenzisanga isabizwana somuntu wokuqala u'mina' noma 'thina'
- Usebenzisa izivumelwano u-'u' noma u-'ba' ukukhombisa ukuthi ukhuluma ngabanye abantu.√ (2)

1.17 Umama wayenothando lobuzali kanti olukaNokulindela kwakungolwezithandani. √√/ (2)

1.18
- Izinyanga ezazimelapha zazingenaso isiqiniseko sokuthi uphethwe yini.√/
- Wayephethwe yingculaza okuyisifo esingalapheki.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.19 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Ulwazi lokuthi isifo sengculazi asilapheki.√√/
- Umuntu uma eya ocansini kufanele asebenzise ijazi lomkhwenyana. √√/
- Ungalali nabantu abaningi.√√/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.20 Ayixazululekanga.
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Ukugula kwabhebhetheka kwaya phambili.√/
- USandanezwe walahlekelwa yimali eningi ezama ukuzelapha.√/
- Akabange esakwazi ukufeza isethembiso sakhe sokushada nengoduso yakhe.√/
- Isifiso sikamama kaSandanezwe sokugona abazukulu bendodana akubonakalanga sizofezeka.√/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)
[35]

NOMA

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

ISIQESHANA C

2.1 Basemzini wabo√/eGoli.√ (1)

2.2 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Uyamthethisa njengengane.√/
- Ukhuluma umathanda kuyena.√/
- Umkhomba ngomunwe.√ (1)

2.3 UMacingwane.√ (1)

2.4
- Uyathandaza uma elala.√/
- Uhlabelela amaculo okholo.√/ (2)

2.5 Wayefuna ukuthengela ugogo wakhe umphako nezinto ezincane.√√ (2)

2.6 C√/Ngokucasuka.√ (1)

2.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Bamtshela umfundisi ukuthi bacabanga ukuduka nezwe.√/
- Wayebazwela njengabantu abadala abaziyo.√/
- Wayengafuni ukuthi badlale izigebengu njengoba babedwanguza nje.√/
- Wayefuna ukuthola isikhathi sokubachazela ngendawo ephephile ehlalisa abantu abadala abangenabani njengakwaSizabantu. √ (2)

2.8 Okukodwa kwalokhu:
- Yobe, ayidle izibekele Ndabezitha. √√/
- Ngiyaxolisa Macingwane.√√ (2)

2.9
- Lalifuna ukulala naye ngenkani. √/
- Yilona elalidala ukuthi uThembalihle axabane nabazali bakhe ngokumbuyisa ebusuku.√/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Unkosikazi kaMjwayeli wayencisha uyisezala ukudla.√/
- Wayengamwasheli futhi engamu-ayineli, okukhombisa ukuthi wayengathandi ukuhlala naye.√/
- Lezi zenzo zikankosikazi kaMjwayeli zadala ukuthi abazali babe ngondingasithebeni ngesikhathi behamba edolobheni eMnambithi.√/
- Babengamvumeli ukuthi ahlale ebusuku azibhalele noma azifundele ngoba bethi umosha ugesi. √ (2)

2.11 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayelima amasimu, etshala ummbila, ubhontshisi namathanga. √/
- Wayakha izidwaba azidayise emholweni.√/
- Wayegada imfuyo.√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

2.12 Inkulumo-mpendulwano ikwazile ukunonga indaba nokusethulela abalingiswa kanje:

- UFanyana njengomlingiswa onozwelo ngonina njengoba ekhononda ngendlela umkakhe amphatha ngayo. √
- UMaNene njengomlingiswa onenhliziyo embi ngoba akakhombisanga uzwelo kumamezala wakhe njengoba ayemenqabela ukuthi athandaze emzini wakhe futhi wayengenayo inhlonipho ngoba wathi akaphindele emzini wakhe uma efuna ukwenza intando yakhe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

KANYE

ISIQESHANA D

2.13 UMjwayeli.√ (1)

2.14 Omakhelwane babamukela kahle, bagcwala ekhaya kwaMchunu bejabulela ukubuya kukaManyoba noMaNdlovu endaweni. √ (1)

2.15 OKUKODWA kwalokhu:

- Wamfundisa ukudlala iLotto. √√/
- Wamfundisa ukubhejela amahhashi. √√ (2)

2.16 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Akukho okwenzeka endabeni okuthinta umxoxi ngqo.√/
- Uyibhale le ndaba njengomuntu wesithathu.√/
- Akasebenzisanga isabizwana somuntu wokuqala u'mina' noma 'thina'
- Usebenzisa izivumelwano u-'u' noma u-'ba' ukukhombisa ukuthi ukhuluma ngabanye abantu.√ (2)

2.17 UMaNdlovu wayemthanda ngokweqiniso uManyoba ngoba wakwazi ukuhlala ekhaya athembeke kuye esasebenza kude kanti amadodana ahluleka ukumkhombisa uthando ngoba abahlalisa ngokwehlukana ngesikhathi bengasakwazi ukuzondla.√√/
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.18 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Ngabe akazange alithole ithuba lokuzithuthukisa ngokufunda.√/
- Ngabe akazange akwazi ukubeka imali yokulobola uMaNdlovu. √/
- Amadodana akhe ayengeke alithole ithuba lokufunda.√/
- Wayengeke akwazi ukuthola indawo ethi yena. √/
- Ngabe akazange akwazi ukuzakhela umuzi wakhe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

2.19 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Bangafunda ukuthi kuhle umuntu azibekele imali uma esasebenza ukuze angahlupheki lapho esemdala.√√/
- Izingane zingafunda ukuthi kumele zibe nobuntu zibaphathe kahle abazali uma sebekhulile.√√/
- Umzali angafunda ukuthi kufanele azifundise zonke izingane zakhe angakhethi ubulili njengoba uManyoba engazange amfundise uMirriam.√√/
- Kuyingozi ukungaziphathi kahle komuntu wesilisa oshadile uma esebenza kude nekhaya.

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.20 Yaxazululeka.

Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- UManyoba nomkakhe baphindela emzini wabo emva kokuhlala ngokwehlukana emizini yamadodana. √/
- UManyoba waba nenhlanhla wadlala iLotto wawina. √/
- UManyoba wagcina esehlala ngokunethezeka emzini wakhe.√/
- UManyoba wakwazi ukushiyela abazukulu bakhe ifa. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

[35]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu

ISIQESHANA E

3.1 Babesemgwaqweni√/eNyawushane√/ Basendleleni eya emzini kaTholakele. √ (1)

3.2 Ucasulwa ukuthi uBhatomu ufuna ukukhuluma noTholakele bebobabili. √ (1)

3.3 Wathi uTholakele ufuna ukukhuluma noBhatomu ngoba uyobe esebenza ngakusasa.√ (1)

3.4 Izizathu EZIMBILI kwezilandelayo:
- Wathi uTholakele ungumfelokazi.√/
- UTholakele akafundile. √/
- UBhekani akayazi imvelaphi kaTholakele. √/
- Akasebenzi umsebenzi osezingeni likaBhekani. √/
- UTholakele kumele athole imvume kwabasemzini ngaphambi kokuthi alotsholwe. √/ (2)

3.5 Wayezolanda imali eyizi-R3 000 eyayibolekwe nguTholakele. √√ (2)

3.6 D√/Izinto azihambi kahle.√ (1)

3.7 Wayengeniswe ukudla izidakamizwa ngokweqile.√√ (2)

3.8 Inhliziyo kaBheki ithi **xhifi**. √√/Xola Bheki. √√ (2)

3.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Uyakholelwa ukuthi abantu abangasekho bayakwazi ukuxhumana nabaphilayo ngamaphupho. √/
- Wathi kufanele umakoti ake afike azombika emadlozini.√/
- Ngesikhathi kusha izimpahla zikaBhekani kuwadilophu wayekholelwa ukuthi kwakuyisenzo sabaphansi ngoba babedinwe yisenzo sikaBhekani. √/
- Ngesikhathi sekuphuma abakhongi beyokhongela uBhekani washisa impepho. √/
- Wathi uma kungukuthi uTholakele udla izidakamizwa abaphansi bayomsonta intamo. √/
- Unina wathi uzomfundisa uBhekani ukushweleza kwabaphansi. √ (2)

3.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UBhatomu wayefuna ukungena uTholakele ngenkani, lokhu kwakwenza uBhekani abe nodweshu lwangaphakathi. √/
- UBhatomu wayehlukumeza uTholakele ezama ukuthi enze into angayithandi. √/
- Wayelwisa uBhekani njalo uma behlangana. √/
- Wasongela uTholakele noBhekani ukuthi uzowumisa nse umshado wabo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.11 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UZenze, uTholakele noPamella bahlanganisa iqhinga lokuqola uBhekani imali.√/
- UZenze nomzala wakhe yibona abathatha imali yelobolo likaTholakele. √/
- Uyena owafika kuBhekani wathi abakubo kamakoti bathi imali yincane, bacela ukuthi yengezwe ngezi-R2000. √/
- Babedayisa izidakamizwa benoPamella noTholakele. √/
- Babenza ubugebengu ngemali yomgunyathi. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

3.12 Inkulumo-mpendulwano ikwazile ukunonga indaba nokusethulela abalingiswa kanje:
- UBhekani njengomlingiswa onenhlonipho ngoba wakwazi ukunika uTholakele ithuba lokuthi akhulume nobaba wasemzini, uBhatomu, nakuba ayeqonda ukuthi uyimbangi yakhe. √
- UTholakele njengomlingiswa ongathembekile ngoba ukhuluma iphutha ngokuthi uyasebenza ebe engasebenzi, uphinda ethule uBhekani kuBhatomu njengomngani wakhe kube kungenjalo. √ (2)

KANYE

ISIQESHANA F

3.13 Abasekhaya kubo kamakoti.√/ Abakubo kaTholi.√ (1)

3.14 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wamfica exhunywe amapayipi.√/
- Wayelele equlekile.√/
- Wayephefumula kanzima, engasakwazi ukuzidlela. √ (1)

3.15 Wamthatha wamfaka emotweni wagoduka naye.√√ (2)

3.16 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Akukho okwenzeka endabeni okuthinta umxoxi ngqo.√/
- Uyibhale le ndaba njengomuntu wesithathu.√/
- Akasebenzisanga isabizwana somuntu wokuqala u'mina' noma 'thina'.
- Usebenzisa izivumelwano u-'u' noma u-'ba' ukukhombisa ukuthi ukhuluma ngabanye abantu.√ (2)

3.17 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Umama kaBhekani wayemthanda ngokweqiniso uBhekani kanti uTholakele wayethanda imali yakhe kuphela.√√/
- Umama kaBhekani wayemkhathalela uBhekani engathandi ukuthi angene ehlazweni kanti uTholakele wamfaka ehlazweni.√√
- Umama kaBhekani wayenothando lwendodana yakhe kanti olukaTholakele lona kwakungelesoka lakhe. (2)

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayengafuni ukuthi ayolotsholelwa kubo ngoba wayefuna ukuzithathela imali.√/
- Wayazi ukuthi abasekhaya kubo babezomtshela ukuthi akayolotsholwa kubo kaBhatomu.√/

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.18
- Kwakungeyona inhloso yakhe ukugana uBhekani, kwakuyisu nje lokwenza imali.√/
- Babemazi ukuthi usazilile, ngakho babengeke bavume ukuthi alotsholwe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

3.19 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo: Abafundi bangafunda ukuthi:
- Ubugebengu abubuyiseli. √√/
- Akulungile ukudla izidakamizwa. √√/
- Umuntu kufanele asebenze ukuze athole imali angenzi ubugebengu. √√/
- Bangafunda ukuthi kufanele umazi umuntu ozoshada naye. √√/
- Bangafunda ukuthi kubalulekile ukulalela uma abantu bekubonisa. √√/
- Bangafunda ukuthi ungaluvumeli uthando ukuthi lukuvale amehlo. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

3.20 Ayixazululekanga.
- UBhekani akazange ashade noTholakele njengokwesifiso sakhe.√/
- Waboshwa uTholakele uBhekani ayengazimisele ukushada naye.√/
- Ukuboshwa kukaTholakele kwenza uBhekani asale noLindiwe, lona angazimisele ukushada naye. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 35

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQEPHU B: UMDLALO

UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

ISIQESHANA G

4.1 Unkosikazi wekhansela uDuma. √ (1)

4.2 Intando yeningi. √ (1)

4.3 Babubuhle kakhulu.
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Babebambisene ngesikhathi bezabalazela inkululeko. √√/
- Ngesikhathi uDuma eseqokelwe esikhundleni sokuba yikhansela endaweni, wabeka uMbandlwa esikhundleni sokuba unobhala wakhe. √√/
- UDuma wayelalela yonke into eyayishiwo uMbandlwa ngoba emethemba kakhulu. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

4.4 A√/ukuncenga. √ (1)

4.5 Umusho OWODWA kwelandelayo:
- Mina angesabi kodwa ngiveza lokho engicabanga ukuthi kulindelwe yinkosi uShandu. √√/
- Eqinisweni nje, mina ngeke ngicele kuye uma sengiqala izinhlelo zentuthuko. √√ (2)

4.6 4.6.1 B √/ USibanda (USidamba)√ (1)

4.6.2 D √/ UMaMsomi √ (1)

4.6.3 A √/ UMaNgema √ (1)

4.6.4 C √/ UDlungwane √ (1)

4.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UDuma uyena onenkinga kulo mdlalo. √√/
- Izigameko nodweshu oluningi luthinta yena. √√/
- Simthola indaba iqala ize iyofika ekugcineni. √√/
- Indaba ingaye, ngeke iqhubeke ngaphandle kwakhe. √√ (2)

4.8 Ezombusazwe√/Ezombangazwe.√:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Udlame lwake lwabheduka kule ndawo ngaphambi kokuba kuvotwe, kwafa abantu abaningi, lolu dlame lwasuswa yizo ezombangazwe. √/
- Udlame lwaluphakathi kwabantu abazwelana nenkosi nalabo ababehambisana noDuma, yingakho-ke uDuma nenkosi babengezwani kahle ngoba babebambelene amagqubu. √/
- UHulumeni waqala uhlelo lokukhetha amakhansela ngendlela yokuvota ezindaweni zamakhosi. Lokhu kwadala ukushayisana phakathi kwabaholi bendabuko namakhansela.√

(Nokunye okunembayo okusekela indikimba) (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.9 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Bobabili bangonogada benkosi. √√/
- Ngesikhathi uDlamini eboshiwe yibona abathunywa inkosi ukuba bayogada umuzi kaDlamini. √√ (2)

4.10 Yebo kuyakholakala futhi kungenzeka empilweni yangempela ngoba...
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ukubulawa kwamakhosi, izinduna, osopolitiki namakhansela kuyinto evamisile ukwenzeka.√/
- Izikhundla zokuphatha emphakathini zihambisana nodumo nemali, ngakho-ke abantu bangenza noma yini ukuthola udumo nemali. √/
- Esikhathini samanje kuyenzeka abantu abasenhlanganweni eyodwa yezombangazwe bathengelane izinkabi kubangwa izikhundla. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.)

NOMA

Cha, akukholakali futhi kungenzeke empilweni yangempela ngoba ...
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UHulumeni useyabafundisa abaholi bendabuko ngendlela yokuphatha. √/
- Amakhansela asefundisekile ngendlela okufanele asebenze ngayo ezindaweni zasemakhaya. √/
- Abantu bamanje noma behlala emakhaya kodwa bayakwazi ukubaluleka kwentuthuko. √/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

KANYE

ISIQESHANA H

4.11 UMazongolo √/ Umfundisi√ (1)

4.12 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Inkosi itshela abantu ukuthi ngeke bakwazi ukuguqula osekwenzekile. √/
- Asebeshonile ngeke bakwazi ukubavusa. √/
- Inkosi ibonga uMaNgema noMaShezi ngenxa yeqhaza labo ekudaleni uxolo endaweni. √/
- Ikhansela lizoqhubeka nohlelo lokuletha intuthuko esizweni ngaphandle kokuphazanyiswa. √/
- Ikhansela kumele lisebenze nabantu abaqotho. √/
- Inkosi izosebenza ngokubambisana nekhansela. √/
- Inkosi ithembisa ukunikeza uDuma indlu ayezosebenzela kuyona. √/
- Inkosi yancoma namaphoyisa ngokusebenza ngokuzikhandla ukuqeda udlame endaweni. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.13 4.13.1 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Siyamthola umlingiswa oqavile (ummeleli) esethulweni, okunguDuma.√/
- Siyayithola nenkinga ayebhekene nayo yokungezwani nenkosi ngoba engafuni ukuthathisa enkosini.√/
- Siyasithola nesizinda ngokwendawo ekuqaleni kwendaba ukuthi le ndaba yenzeka endaweni yasemakhaya, ngesikhathi samanje njengoba sekukhona intando yeningi, nesimo senhlalo asisihle, sikhombisa ukushayisana kusukela ekuqaleni.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

4.13.2 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Izigameko kulo mdlalo zilandelana kahle kusukela kwesokuqala, lapho kukhona ukungaboni ngaso linye phakathi kwenduna uDlamini nekhansela uDuma, kuze kufike kwesokugcina, lapho sekwakhiwa khona uxolo.√/
- Izigameko zinokuhlobana ngokwembangela nomphumela, isibonelo: Ukudlula kwabafana ababekhuza izaga ngasemzini kaDuma kwaholela ekuthini uMaShezi athathe isinqumo sokuthatha imithwalo yakhe ahambe abuyele kubo nokunye. √/
- Ukulandelana nokuxhumana kwezigameko kunokwenyuka kuphikelele kuvuthondaba, lapho uMfundisi uMazongolo esefunda incwadi eyayibhalwe inkosi uShandu.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

4.14 Imibono iyokwehluka.

Abanye bayothi **uDlamini** √/ngoba:

Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UDlamini uyishoshozela lodlame ngoba nguyena owayegqugquzela inkosi uShandu ukuthi ingavumi ukubonisana nekhansela uDuma.√/
- UDlamini unamagqubu njalo uma ekhuluma nenkosi ngodaba olufaka uDuma usheshe akhumbuze inkosi ngobubi obabenziwa nguDuma kanye noMbandlwa ngesikhathi sodlame. √/
- Kulo mdlalo uDlamini kusuka ekuqaleni usebenza ngolaka nenzondo noma izinto ziqhubeka zonakala yena akaguquki. √/
- Nguyena ogqugquzela inkosi ukuthi ingayingeni eyokwakha uxolo noDuma.√/
- UDlamini washaya uMbandlwa ngenduku mhla kunomhlangano wentuthuko esikoleni. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.)

NOMA

Abanye bayothi **uMbandlwa** √/ngoba:

Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UMbandlwa wayengamnikezi uDuma izeluleko ezakhayo. √/
- Wayemgqugquzela ukuba angayilaleli inkosi. √/
- Kwathi noma isimo sesisibi yena waphikelela nokuthi uDuma angazihlanganisi nemizamo yokwakha uxolo. √/
- Lesi simo senza ukuthi kube khona udlame endaweni kufe abantu abaningi. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.15 Yebo ngiyavumelana:
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Yindawo okusabusa kakhulu inkosi nezinduna kuyona. √/
- Abantu basancike kakhulu emfuyweni yabo. √/
- Amaleyithi (rates) awakhokhelwa.√/
- Kusaliwa ngezinduku uma kunengxabano.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)

4.16 Yebo uphumelele:
OMaNgema noMaShezi okungabantu abanganakekile yibona abagcine bephephise isizwe ngokubuyisa uxolo esizweni senkosi uShandu. √√ (2)
[35]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele

ISIQESHANA I

5.1 Ubaba kaZinhle.√/Umkhwenyana kaSonto. √ (1)

5.2 Wayezofuna imali yakhe. √ (1)

5.3 Babubuhle kakhulu:
- UMaNsibande wayesebenzisana kahle noMfundisi ngoba wayesiza uMfundisi ngokumhambisa ngemoto yakhe uma kunesidingo sokuthi enze lokho. √√/
- UMaNsibande nguyena owahlela uhambo lokuyobona umfundisi esibhedlela. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.4 A √/Ukuhamba sengathi awuthandi. √ (1)

5.5 *(Akhulume engazi ukuthi uzothini.)* √√/ E ... Kayingi ... √√/ Ufuna ngithini Mphemba. √√/ (*Eshalashalaza*) √√/ Nami angazi. √√ (2)

5.6 5.6.1 B √/ UNtshangase √ (1)

5.6.2 A √/ UDlamini √ (1)

5.6.3 D √/ UZondo √ (1)

5.6.4 C√/ UMaMkhize √ (1)

5.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- USonto uyena onenkinga kulo mdlalo. √√/
- Izigameko nodweshu oluningi luthinta yena. √√/
- Simthola indaba iqala ize iyofika ekugcineni. √√/
- Indaba ingaye, ngeke iqhubeke ngaphandle kwakhe. √√ (2)

5.8 Ubugebengu. √/ Uthando lwemali √√
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- USonto wathenga abantu ukuba babulale uMaNtuli ngoba efuna ukushada noMbhele. √/
- USonto wabulala uMfundisi. √/
- Wabulalisa uMbhele. √/
- UMthofi uyisigebengu esithengelwa ukubulala abantu. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi okuhambisana nendikimba) (3)

5.9 Bobabili bathanda imali ngendlela yokuthi babenza noma yini ukuze bayithole. USonto uhlela uzungu lokubulala unkosikazi kaMbhele naye uMbhele, uphinda futhi udubula umfundisi ngoba efuna imali. UMthofi naye uyisigebengu esithengelwa ukubulala abantu ngenhloso yokuthola imali. √√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

5.10 Yebo kuyakholakala futhi kungenzeka empilweni yangempela:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ubugebengu buningi kuleli zwe, izinkabi ezithengwayo ukuba zibulale abantu ziningi. √/
- Kuyenzeka ukuthi abantu abashadile bathenge izigebengu ukuba zibulale abayeni/amakhosikazi abo ukuze bathole ifa. √/
- Ukungathembeki emshadweni njengoba kwenza uMbhele sekuyinto yemihla ngemihla. √/
- Izibhamu ezingekho emthethweni sekwaba yinto etholakala kalula.
- Izigebengu zisebenzisa izibhamu ukuqhuba izenzo ezimbi. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.)

NOMA

Cha, akukholakali futhi kungenzeke empilweni yangempela ngoba...
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Akukholakali ukuthi uSonto wayengafihla imali ngaphandle komuzi wakhe. √/
- Akukholakali ukuthi izigebengu zingavuma ukubulala ngaphandle kwemali eyisibambiso. √/
- Akukholakali ukuthi uSonto angenza isethembiso sokukhokha imali enkulu ebe engasebenzi. √/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

KANYE

ISIQESHANA J

5.11 UMthofi noToronto.√/ OMthofi√ (1)

5.12 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- USonto uyaxolisa kumama wakhe ngokumzwisa ubuhlungu. √/
- USonto ucela uMaMkhize ukuba amkhulisele kahle ingane yakhe. √/
- USonto ucela umama wakhe ukuthi akoluleka uZinhle ngobungozi bokuthatha izindlela ezinqamulelayo ezinokukhohlakala. √/
- UMaMkhize ududuza indodakazi yakhe uyinikeza ithemba lokuthi ngeke ibolele ejele. √/
- USonto ubalisa ngokuthi ngeke esalithola ithuba lokukhulisa ingane yakhe ngenxa yokuthanda kwakhe imali. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com

5.13 5.13.1 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Siyamthola umlingiswa oqavile (ummeleli) esethulweni, okunguSonto.√/
- Siyayithola nenkinga ayebhekene nayo yokwehluleka ukukhokha imali abe eyethembise uMthofi.√/
- Siyasithola nesizinda ngokwendawo ekuqaleni kwendaba ukuthi le ndaba yenzeka endaweni yasemadolobheni njengoba kunalolu hlobo lobugebengu, ngesikhathi samanje njengoba sibona uMthofi engena emzini kaMbhele ephethe isibhamu, nesimo senhlalo sihle, ngoba emndenini kaSonto banemali, bese siyashintsha ngokuphuma kukaMthofi ejele.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.13.2 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Izigameko kulo mdlalo zilandelana kahle kusukela kwesokuqala, lapho uMthofi efika kwaMbhele ezobasela isikweletu sakhe kuSonto, kuze kufike kwesokugcina, lapho uMthofi, uToronto noSonto beboshwa khona. √/
- Izigameko zinokuhlobana ngokwembangela nomphumela, isibonelo: Ukufika kukaMthofi kwaMbhele ezobasela isikweletu sakhe kuSonto, kuholela ekuthini uSonto adubule umfundisi ngoba efuna yona imali yokukhokhela uMthofi. √/
- Ukulandelana nokuxhumana kwezigameko kunokwenyuka kuphikelele kuvuthondaba, lapho umseshi uNhleko efika kwaMbhele ebusuku efica kukhona uMthofi noToronto bezungeza umuzi, wathi uma ebabuza balihlanza lonke iqiniso njengokuthi yibona ababulala uMaNtuli bethunywe nguSonto.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.14 NguSonto. √
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo: Ngoba nguyena:

- Esithola ukuthi waba nesandla ekufeni kukaMaNtuli. √
- Owangenela umfundisi wamdubula. √/
- Owantshontsha imali yesonto. √/
- Owahlela ukufa kukaMbhele. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.)

NOMA

NguMthofi. √
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Ukuba khona kukaMthofi njengomuntu oyisigebengu endaweni kwenza kube lula kuSonto ukufeza izinhloso zakhe. √/
- UMthofi uzincoma ngokuthi kade yena ayebadubula abantu endaweni. √/ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

5.15. Yebo ngiyavumelana ngoba …
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- UMbhele noSonto bahlala endaweni yaselokishini, okulula kuyona ukuhamba ngezithuthi. √/
- UMbhele noDlamini bakhelene, behlukaniswe uthango. √/
- Ubugebengu buningi kule ndawo, izigebengu zibulala abantu emini. √/
- Izingane zifunda ezikoleni ezixube izinhlanga njengoba uZinhle ukhuluma axube isiZulu nesiNgisi. √/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

5.16. Yebo uphumelele:
Isihloko salo mdlalo sithi, 'Icala Kaliboli.' Lokhu kusho ukuthi icala noma lingalidala kangakanani kepha alipheli. Esiphethweni sale ncwadi sithola umlingiswa omkhulu onguSonto eboshwa ngenxa yamacala akhe. Amanye ala macala wayewenze kudala esezitshela ukuthi ngeke aphinde avuke. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)
[35]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu

ISIQESHANA K

6.1 Indodana kaMaMbatha noZungu. √/Umfowabo kaThabi noDumisani. √/ Umyeni kaThenjiwe owashona ngenxa yodlame. √ (1)

6.2 Wayefuna ukuqala impilo phansi. √/Ukuhlala kwaZungu kwakumzwisa ubuhlungu ngoba wayelokhu ekhumbula uSikhumbuzo. √/ Wayengafuni ukuphathwa isizungu. √ (1)

6.3 Babubuhle kakhulu:
Ngesikhathi uThenjiwe enqaba isiko lokungenwa, basebenzisana kahle baluxoxa udaba lwaze lwafika esiphethweni esibagculisayo. √√ (2)

6.4 A √/Ukwehlelwa into embi.√ (1)

6.5 Ngicabanga ukucela ubaba ngivele ngizibuyelele ekhaya.√√ (2)

6.6 6.6.1 B√/ UZungu √ (1)

6.6.2 A√/ UMaMkhize √ (1)

6.6.3 D√/ UMaNzuza (1)

6.6.4 C√/ UNondumiso √ (1)

6.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UThenjiwe uyena onenkinga kulo mdlalo. √√/
- Izigameko nodweshu oluningi luthinta yena. √√/
- Simthola indaba iqala ize iyofika ekugcineni. √√/
- Indaba ingaye, ngeke iqhubeke ngaphandle kwakhe. √√ (2)

6.8 Isiko nelungelo/ukungenwa. √
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UThenjiwe washonelwa ngumyeni wakhe, abakwaManzini bamcela ukuthi avume ukungenwa nguDumisani, okwakushayisana nelungelo lakhe uThenjiwe lokuzikhethela. √/
- Lo mdlalo ugqamisa ukushayisana phakathi kwesiko lokungenwa kanye nentando yeningi. √/
- Abalingiswa kulo mdlalo bahlukene phakathi, kukhona abahambisana nelungelo kanye nabahambisana nesiko. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi okuhambisana nendikimba) (3)

6.9 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Bobabili bayazwelana noThenjiwe. √√/
- Bobabili abahambisani nesiko lokungenwa.√√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

6.10 Yebo kuyakholakala futhi kungenzeka empilweni yangempela:
- Kwezinye izindawo zasemakhaya bayaqhubeka naleli siko ukuze bavimbele ukuhlupheka ezinganeni ezishonelwe ngoyise. √/
- Abalenzayo leli siko balibona liwusizo ngoba umfelokazi uba nomuntu omela izindaba zomuzi wakhe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.)

NOMA

Cha, akukholakali futhi kungenzeke empilweni yangempela ngoba akukholakali ukuthi:
- UMaMkhize wathula nje indodakazi yakhe ihlukumezeka wangenza imizamo yokuyisiza.√/
- USipho wayengaboshwa icala lakhe lingathethwanga ngokuphelele.√/
- Kuthiwa uSipho uyophuma mhla uThenjiwe evuma ukugana uDumisani.√/
- UDumisani wamethemba uThenjiwe eseke wazama ukumbulala. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

KANYE

ISIQESHANA L

6.11 USipho. √ (1)

6.12 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- UThenjiwe ucela uDumisani ukuthi angayikhulumi indaba kashevu ngoba imenza abe namahloni. √/
- UDumisani utshela uThenjiwe ukuthi abahlola itiye bathi ukuba wake waliphuza kanye, wayezofa ngokushesha. √/
- Ukufa kukaSipho yikhona okwenza ukuthi uThenjiwe amzonde uDumisani. √/
- UThenjiwe uyachaza ukuthi uSipho kwakungumngani wakhe omkhulu. Ayemaningi namathuba okuthi bagcine ngokuthandana. √/
- UThenjiwe ufisa ukuyobeka imbali ethuneni likaSipho. √/
- Baxoxa nangencwadi eyabhalwa nguSipho ngaphambi kokuba ashone.√/
- Incwadi eyayibhalwe nguSipho yayicela uxolo kuDumisani, incenga noThenjiwe ukuthi avume isiko lokungenwa. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com

6.13 6.13.1 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Siyamthola umlingiswa oqavile (ummeleli) esethulweni, okunguThenjiwe.√/
- Siyayithola nenkinga ayebhekene nayo yokuphoqwa ngesiko lokungenwa.√/
- Siyasithola nesizinda ngokwendawo ekuqaleni kwendaba ukuthi le ndaba yenzeka endaweni yasemakhaya njengoba kusakhulunywa ngesiko lokungenwa, yenzeka ngesikhathi samanje njengoba sibona uThenjiwe ekhuluma ngelungelo lakhe lokuzikhethela, nesimo senhlalo asisihle, ngoba indaba iqala uThenjiwe ebalisa ngokushonelwa ngumyeni wakhe ngenxa yodlame.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

6.13.2 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Izigameko kulo mdlalo zilandelana kahle kusukela kwesokuqala, lapho uThenjiwe ezwa ukuthi kumele angenwe uDumisani, kuze kufike kwesokugcina, lapho esevuma ukushada noDumisani. √/
- Izigameko zinokuhlobana ngokwembangela nomphumela, isibonelo: Ukubelesela kukaMaMbatha ukuthi uThenjiwe avume ukungenwa nguDumisani kwaholela ekuthini agoduke aye kubo. √/
- Ukulandelana nokuxhumana kwezigameko kunokwenyuka kuphikelele kuvuthondaba, lapho uThenjiwe esevuma ukushada noDumisani.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

6.14 Imibono iyokwehluka.
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
Abanye bayothi **nguMaMbatha**√/ ngoba**...**

- Nguyena olandelela indaba yokungenwa kukaThenjiwe.√/
- Wahlohla noDumisani ukuthi angene uThenjiwe.√/
- Watshela uThenjiwe ukuthi uma efuna ukubuye agane, kuyomele aganele ekhaya kwaZungu ngoba usabikwa emadlozini akwaManzini. √/
- Wanqabela uThenjiwe ukuba avakashele kubo. √/
- Wathi uma uThenjiwe ebuyela kubo, kuyomele kubuyiswe amalobolo akwaManzini. √/
- Ngesikhathi uDumisani egwazwe nguSipho, waqamba amanga wathi indodana yakhe ilinyazwe amasoka kaThenjiwe. √/
- Ngesikhathi uThenjiwe esebanjiwe ezama ukubulala uDumisani ngoshevu, uMaMbatha wathi ukuze bamxolele kumele avume ukungenwa nguDumisani. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.)

NOMA

Downloaded from Stanmorephysics.com

Abanye bayothi **nguMondise** ngoba **…**

- Ngesikhathi uThenjiwe eya kuyise eyobika lolu daba lokungenwa, uMondise wavele wamtshela ukuthi yena uyalazi leli siko liyasebenza. √/
- Waphindisela uThenjiwe emzini. √/
- Watshela uThenjiwe ukuthi akasenandawo kwaMondise ngoba wakhishwa ngembuzi wabikwa nasemadlozini akwaManzini. √/
- Ngesikhathi eselethe uThenjiwe kwaZungu wayengafuni ukulalela okwakushiwo yindodakazi yakhe kepha wavele wavumelana nakho konke okwakushiwo nguMaMbatha. √/
- Watshela uThenjiwe ukuthi kungakuhle ukuthi avume ukungenwa nguDumisani ngoba yena wayengeke abe namandla okubuyisela ilobolo lakwaZungu emuva. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

6.15 Yebo ngiyavumelana

Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Abantu basakholelwa kakhulu esikweni lokungenwa.√/
- UMaNzuza ongumakhelwane uyakufakazela ukungenwa ngokwenza isibonelo ngomndeni okhona endaweni.√/
- Omakoti basalindeleke ukuthi baziphathe ngendlela ethile engakhombisi ukuthi nabo banamalungelo.√/
- Abantu besifazane abanalo ulwazi ngezinhlangano ezilwela amalungelo abantu besifazane uma bebhekene nesimo esifana nesikaThenjiwe.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

6.16 Yebo uphumelele:

Isihloko salo mdlalo sithi, 'Isiko nelungelo.' – Lo mdlalo usikhombisa kahle ukushayisana phakathi kwesiko lokungenwa namalungelo. Isibonelo: AbakwaZungu nabakubo kaThenjiwe bakholelwa esikweni lokungenwa kukamakoti uma eshonelwe umyeni wakhe kanti uThenjiwe nomngani wakhe uGugu ngokuvumelana nodadewabo uNondumiso bakholelwa ekuthini umuntu unelungelo lokuzikhethela. √√ (2)

[35]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 35

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE

***IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli (Umhleli)**

UMBUZO 7

7.1 **'NOMA NINI' – NE Mbesa**

ISIQESHANA M

7.1.1 Umkhokheli. √ (1)

7.1.2 UMphiwa √ (1)

7.1.3 Cwaka. √ (1)

7.1.4 EmaRomeni√/eKhatholika √ (1)

7.1.5 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- UMaShandu waphupha emukela isinkwa kuSithole. √/
- Kuthi kusenjalo kuvele kuqhamuke isivunguvungu angakaze asibone selokhu azalwa siphephethe umhlaba ami kuwona, uguguleke kuze kusale lapho kumi khona izinyawo zakhe. √/
- Khona lapho kungabe kusaba isinkwa esiphethwe uSithole, siphenduke ingane ezelwe, esongwe kahle ngezingubo. √/
- Idedeleke ingane iphephuke nomoya ezandleni zakhe. √ (3)

7.1.6 C√/Ukwenzasamuntu. √ (1)

7.1.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Kuthiwa kunuka izibiliboco eziphekwa nguMaShandu.√/
- U-Apple Face ubiza uSithole ngoNdunankulu. √/
- USithole usebenza ePhalamende. √/
- Ikhishi lakhona isithabathaba esicishe silingane no-4 rumu.

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

7.1.8 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo.
- U-Apple Face usakhumbula into eyenzeka eminyakeni eminingi eyedlula, ukuthi wake wabelethisa umuntu ingane enomkhango phezu kwehlo. √/
- Usamkhumbula nalowo muntu owabeletha leyo ngane yentombazane ukuthi nguMaShandu. √/
- Wakwazi ukumbona lo mntwana emva kweminyaka azalwa. √/
- U-Apple Face uyayazi into enobungozi, imfihlo kaMaShandu wanqaba ukuyitshela uSizani√/
- Ukwazi ukukhumbula ngisho umqondo wakhe ungasasebenzi kahle. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.1.9 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Umbhali ufuna ukusitshela ngobubi bokulahla ingane ngoba kuyaye kwenzeke ukuthi umuntu angabe esayithola ngesikhathi sekuthanda yena njengoba kwenzekile kuMaShandu. √/
- Umbhali ufuna ukuqwashisa abantu ngokuthi ingane elahliwe igcina ingayazi imvelaphi yayo okungenzeka igcine isithandana nabantu abayizihlobo zayo, njengoba indodakazi kaMaShandu ayilahla yayisithandana noMphiwa. √/
- Akukho okufihliwe okungayikuvela. UMaShandu wayengacabangi ukuthi imfihlo yakhe yeminyaka iyovela ngalolu hlobo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

7.1.10 Isihloko nephuzu ELILODWA ngesihloko:

Akukho Okufihliwe Okungayikuvela. √√
UMaShandu wathola ingane le ePiet Retief wafihla, wafihlela ngisho unina omzalayo, kodwa namhlanje indaba iphumela obala.√/
Ingozi eyavelela uMphiwa yayizoliveza iqiniso uMaShandu ayelifihlile. √

NOMA

Amathanga Ahlanzela Abangenamabhodwe. √√
Izingane ezikhulelwa zisezincane ziyabathola abantwana bese kuthi omama abashadile bangabatholi, njengoba kwenzeka kuMaShandu. √/
Izingane ezithola abantwana zisezincane zikujwayele ukulahla izingane zazo ngoba zisuke zingakakulungeli ukukhulisa abantwana. √/
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

KANYE

7.2 **'UMAKHONYA' – Sakhile Bhengu**

ISIQESHANA N

7.2 7.2.1 Wayesuke ezobona unina√/Wayelethela unina izimpahlana.√/ (1)

7.2.2 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Waya emzini wakhe ngoLwesithathu, usuku ayengakaze aye ngalo ethi ufuna ukuyozibonela ngawakhe ukuthi kwenzekani uma engekho ekhaya√/
- Wahamba phakathi kwamabili ngoba efuna ukufika besalele.√/
- Ulalela kakhulu akutshelwa ngomakhelwane kunokulalela uMaNdelu. √/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.2.3 Izinkinga EZIMBILI kwezilandelayo:
- Wayengakwazi ukubonisana nomyeni wakhe ngoba uMakhoba wayegqamisa ukuthi uyinhloko yomuzi. √/
- UMakhoba wayewushaya indiva umbono kaMaNdelu wokuvuna uMvuseni ngokuthi kulungile asiyeke isikole. √/
- Wakhuza uMakhoba ngesikhathi ediliza indlu kaMvuseni kodwa kwaba nhlanga zimuka nomoya. √/
- Wayephatheke kabi ngokuxoshwa kwengane yakhe ekhaya. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

7.2.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UMakhoba wafika walunguza ekamelweni likaBusisiwe, wathola kukhanya kepha kungekho muntu phakathi, kulenga ibhantshi esihlalweni.√/
- Wasuka lapho wayobheka ekamelweni lakhe, wathola unkosikazi wakhe ehonqa.√/
- Wasuka lapho wayoma phambi komnyango, wavula impahla yakhe, waphuza. √/
- Wabona isithunzi siza ngasemnyango lapho ecuthe khona, walungisa iwisa lakhe ukuze alahle phansi ngalo. √/
- Wamshaya lo muntu ongenayo kanti ubulala indodakazi yakhe uBusisiwe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

7.2.5 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UMakhoba uxosha uMvuseni ekhaya ngoba nakhu ethi akafuni ukwenza into amtshela yona yokuthi akabuyele esikoleni. √/
- UMvuseni ukhala ngokuthi kade efeyila, futhi uwaphinda wonke amakilasi adlula kuwona. √/
- Uyise ufuna kulalelwe yena uma ethi ufuna umfana wakhe abuyele esikoleni ngoba imisebenzi ayitholakali uma umuntu engafundile. √ (2)

7.2.6 UMakhoba/uJoko ngoba:
OKUKODWA kwalokhu:
- Nguyena obhekene nenkinga yokuphoxeka ngenxa yendodana yakhe uMvuseni engasafuni ukubuyela esikoleni. √√/
- Konke okwenzekayo endabeni kuthinta yena kusukela ekuqaleni kuze kuyoba sekugcineni. √√ (2)

7.2.7 Ingwijikhwebu itholakala esiphethweni sendaba lapho uMakhoba esemphihliza ngewisa uBusisiwe ethi uphihliza uMvuseni. √√ (2)

7.2.8 Yebo uwulandelile. Abalingiswa bakhe abeqile/abevile ngisho kwabahlanu. Kukhona uMakhoba, uMaNdelu, uMvuseni noBusisiwe. √√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.2.9 **Imibono iyokwehluka:**
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo.
Yaba muncu ngoba:

- UMakhoba waphoqeleka ukuba amamukele uMvuseni ngoba kwase kunguyena yedwa ayesesele naye nakuba ayeselahle ithemba ngaye.√/
- UMakhoba wayengazi ukuthi uzombhekelwa ngubani uMaNdelu emveni kokubulala indodakazi yakhe kungukuphela kwayo. √/
- Kwaba lukhuni ukuthi uMvuseni aphinde amethembe uyise emveni kokudiliza indlu yakhe nokuzama ukumbulala ngokumcuthela egcekeni. √/
- Kwalanjwa ekhaya ngoba uMakhoba waboshwa ngecala lokubulala indodakazi yakhe.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

7.2.10 **Imibono iyokwehluka:**
Amaphuzu AMABILI kwandelayo:
Abathi kwakuwumqondo omuhle bayothi:

- Kufanele umuntu aze athathe isinqumo esikhulu uma abantu bengakhombisi ukumlalela. √/
- Kungcono ukudiliza indlu kunalokhu uMakhoba ayekusho ukuthi ayokwenza kuMvuseni kuyokwenza kuncincize iphoyisa√/
- Kwaba umqondo omuhle ngoba uMvuseni wahamba ekhaya. √

NOMA

Abathi kwakuwumqondo omubi bayothi:

- Akukuhle ukuwisa indlu yakhiwe ngoba yayingasetshenziswa uma kufike izivakashi ekhaya. √/
- Yiningi imali eyalahleka kwakhiwa indlu. √/
- Kuyisibonelo esibi nakubantu emphakathini ukuthi uMakhoba uthi angacasuka enze into enzima kangaka√/
- Kuwumkhokha omubi ukuwisa indlu umnikazi esaphila, buka nje kwagcina kushona uBusisiwe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

AMAMAKI ESIQEPHU C: 35

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQEPHU D: IZINKONDLO

UMBUZO 8: *AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala

8.1 **'STHANDWA SAMI' – Thembinkosi B Qwabe**

8.1.1 Sithamundelane. √ (1)

8.1.2 Ngikugqolozele ungigqolozele ezinhlamvini zamehlo, √√ (2)

8.1.3
- Imbongi ifisa ukuthi isondelane nesithandwa sayo babambane ukuze bajabule njengoba izobe isibeke isithandwa sayo esifubeni sayo.√
- Ukubambana kwabo kuzokwenza bajabule. √ (2)

8.1.4
- Ngakukhipha ngikubambe ngesandla. √
- Usubavumile abakhwenyana basemzini. √ (2)

8.1.5 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Ikhombisa ukuthi isigqi senkondlo siyanensa. √√/
- Isigqi sikhombisa umoya wokukhathazeka imbongi eyayikukho. √√/
- Ikhombisa imizwa yayo yokuphatheka kabi. √√ (2)

8.1.6 Imbongi yayikhala kakhulu ngenxa yokuphatheka kabi. √√ (2)

8.1.7 Ukwenzasamuntu. √√ (2)

8.1.8 Isenzukuthi sigqamisa indlela imbongi eyayizobamba ngayo isithandwa sayo, ingafuni ukuthi siyiphunyuke nangephutha. √√ (2)

8.1.9 OKUKODWA kwalokhu:
- Imbongi igcizelela ukuthi ifisa ukuthi ibe ndawonye nesithandwa sayo njengoba ilokhu ithi, 'Woza s'thandwa senhliziyo yami' √√/
- Imbongi igcizelela uthando enalo ngesithandwa sayo ngisho sesalala kobandayo. √√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

8.2 **'SIPHUKUPHUKU NDINI' – LMMS Madondo**

8.2.1
- Ujezisa ilungelo owaliphiwa uMdali√
- Lokumelekelela ekudalekeni kwami√ (2)

8.2.2 Isiduphunga. √ (1)

8.2.3 Ifanamsindo lonkamisa/ ifanankamisa. √
Lokum**e**l**e**k**e**l**e**la **e**kudal**e**k**e**ni kwami. √

NOMA

Ifanamsindo longwaqa/ifanangwaqa. √
Lokume**l**eke**l**e**l**a ekuda**l**ekeni kwami. √/
Lo**k**umele**k**elela e**k**udale**k**eni **k**wami. √ (2)

8.2.4 Imbongi ifuna ukukhulisa abantwana bayo ngendlela eyiyo hhayi lena ekhuliswa ngayo umzali wayo enobumbulu. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

8.2.5 Iqonde ukuthi lo muntu ekhuluma naye umfunza imfundisoze/ imfundiso engenabo ubuqiniso. √√ (2)

8.2.6
- Ujezisa ilungelo owaliphiwa uMdali√
- Lokumelekelela ekudalekeni kwami√ (2)

8.2.7 **U**ngidlisa emadlelweni mbumbulu.
Uyambuluza ungifunze ubumbulu.√

Imvumelwano siqalo√

NOMA

Lokumelekelela **e**kudalekeni kwami.
Ungidlisa **e**madlelweni mbumbulu. √

Imvumelwano maphakathi√

NOMA

Ungidlisa emadlelweni mbumbu**lu.**
Uyambuluza ungifunze ubumbu**lu**.√

Imvumelwano sigcino√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

8.2.8 Ngiyavumelana. Ngoba …
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Imbongi yabe isesimweni sokucasuka ngesikhathi ibhala le nkondlo, icasulwa ngumzali oyifundisa okungaqondene nemvelaphi yayo. √/
- Imbongi ibona sengathi umzali wayo wayephuphutheka sengathi wenza into angayicabangisisanga kahle. √/
- Icabanga ukuthi umzali uyamdukisa ngoba umhambisa indlela angayazi angakwazi ngisho ukuyibona. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

8.2.9 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Ulimi lwebele lomuntu yilona alufunda kuqala kunina. √/
- Yilona oluqukethe amagugu esizwe sakhe. √/
- Ngeke umuntu alazi isiko lakhe engalwazi ulimi lwakhe. √/
- Ngeke umuntu akwazi ukuxhumana nabantu abayisizwe sakhe uma engalwazi ulimi lwakhe. √/
- Luyasiza uma umuntu exhumana nabakubo abangasekho. √/
- Yilona olusetshenziswayo uma kwenziwa imicimbi yesintu njengomemulo neminye. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

IQEPHU D: 35
AMAMAKI ESEWONKE: 70